# *IsiPho sikaNkulunkulu esiSongiweyo*

Busiswa, Mfowethu Neville. Kuhlala kukuhle njalo ukuza eNdlini yeNkosi, kodwa okungcono kakhulu, kubonakala sengathi, kulezi, nguKhisimuzi noNyaka oMusha nezinsuku ezingcwele. Kubonakala sengathi kunesibusiso esincane esishiyelwe thina. Futhi njengoba si . . . Kubi kakhulu nje ukuthi asikwazi ukuba nomuzwa waloKhisimuzi ngaso sonke isikhathi. Abantu bekuvayizela, bethi, "INkosi ikubusise." Kuhle lokho. Ngiyayithanda leyonto eyodwa mayelana noKhisimuzi.

Manje, bengizwa iphathi iWatch ikhishwa, ngiyakholwa, okwangoMgqibelo ozayo ebusuku. INkosi ithanda, ngizozama ukuba ngibe lapha ngalesosikhathi, ephathini iWatch, bese ngifaka isikhathi sami, uma iNkosi ithanda, ukubasiza ngikhulume kancane ngolunye udaba okwangoMgqibelo ozayo ebusuku. Futhi ngeSonto ekuseni, kusobala, nguSonto sikole wethu ojwayelekile. Futhi ngeSonto ebusuku yinkonzo yokuvangela. Manje . . . [UMfowethu Neville uthi, "Ukugezana izinyawo, ngeSonto elizayo ebusuku, futhi,"—Umhl.] Isidlo, ukugezana izinyawo, ngeSonto elizayo ebusuku. Kunjalo. Indlela enhle ukuqala uNyaka oMusha, kunjalo, thatha isidlo, ube nokugezana izinyawo.

Manje, ngifuna ukwenza lesisimemezelo, engicela ukuthi lona ngomncane, umhlangano oyinguyazana, sengathi, kubelusi nje nababambisene nabelusi betabernakele, abaphatheli nabadikoni balelitabernakele. Ngicabanga ukuthi kuhle kithi ukuba sihlangane ndawonye, kanye ngasikhathi, nokuthi nje sithole indlela iNkosi esihola ngayo. Futhi izikhathi eziningi kukhona izinto ezincane eziqubukayo, njengemiBhalo oyoyithola, engaba lukhuluni. Futhi uma singa . . . Sifuna okufanayo, sikhulume into efanayo, ndawo zonke. Futhi sifuna ukuhlangana ndawonye.

Futhi ngifuna nina belusi nenibambisene nabo. Kumbe, Mfowethu Neville, kuzoba nguwe. NoMfowethu Don Ruddell enhla lapha, omunye walabo esibambisene nabo. NoMfowethu Graham Snelling eUtica. UMfowethu Stricker lapha, isithunywa sethu senkolo. Naba—bazalwane okungabelusi, mfowethu . . . abanye abehlukene lapha, uMfowethu Parnell. Futhi niyazi ukuthi obani abangababambisene abalapha. UMfowethu Junior Jackson, wasezansi eNew Albany. Bese-ke kuba nga—ngabadikoni nabaphatheli.

Ngiyanitshela ukuthi ngifisa nenzeni. Ngaleliviki elizayo, tholani isiliphu esincane sephepha, bese nibhala phakathi lapho i—imicabango noma i. . .Ngingathi, emiBhalweni, noma omunye umsebenzi oyisibopho enizofanele niwumele, eningahle ningawazi.

2 Njengomphatheli ongathi, "Nje yini umsebenzi wami oyisibopho uma kuvela *leli*cala na?" "Yini umsebenzi wami oyisibopho, njengomdikoni, uma kuvela *leli*cala na?" Nomelusi angahle athi, "KuleliZwi, *lapha*, ngiyabona lapho obekufanele kube *kanje-kanje*, futhi a—angiLiqondi nje ngendlela esiLifundisa ngayo. Bese ekubeka phansi lokho emBhalweni, kanjalonjalo." Bese-ke beyiletha yonke, kuMfowethu Wood, uma uthanda, ngoba wakhe eduze kwami. Futhi masinya nje uma usubhale owakho, futhi ngokukhulu ukushesha, ngizokuthokozela, ukuze ngikwazi ukukubuka emiBhalweni.

Futhi sizoba nalokhu. Manje, bekungesiwo umhlangano wabantu bonke manje. Ungowabelusi nje, nabalelitabernakele, nabadikoni nabaphatheli balelitabernakele. Nalokho kuzofika masinyane, masinya nje uma siyifaka. Khona-ke sizomemezela ubusuku lapho okungekho—ngekho mihlangano eqhubekayo lapha, siyobe-ke sesikubheka lokho ngaleyonkathi.

3 Ngicabanga ukuthi kuzoba yinto enhle, Mfowethu Neville, nabazalwane, nonke belusi, kanjalonjalo, ukuze sibuthane ndawonye. Ngaleyondlela singakhuluma into efanayo, yonke indawo, niyabo, siyazi. Kuyobe-ke lokho sekuteyishwa, futhi, imibuzo yethu nezimpendulo zethu zizoteyishwa, futhi yilowo nalowo angaba neteyipu, ukuze nazi, ukubuye niyidlale, uma kubakhona noma yini, noma yimuphi umbuzo oqubukayo, ongahle ube yinzuzo ebandleni. Noma omunye angathi, "Awu, *lokhu*." Siyobuyela emuva bese sibona ukuthi yini eseteyipini, eliyishilo. Futhi sinamateyipu alolohlobo, vele. Futhi manje sinabaphatheli abasha, ngicabanga kanjalo, ngalonyaka, na—nabanye abadikoni abasha, kanjalonjalo, futhi sifuna ukuba bathole ukufundiseka kulokho.

4 Nalomfowethu omncane, lowo ngomunye wabazalwane bethu basenhla lapha eSellersburg, uMfowethu Willard Crase, impela mnike umlayezo oqondene nakho, uma uthanda, ngoba usemusha nje eNkosini. Futhi—futhi uma lababafo abasebasha, ngiyacabanga, angakheka, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, yazi nje ukuthi ufanele ubambelele kanjani. Nemibuzo iqubuka engqondweni yabo. Esikhundleni sokugijimela kwelinye igatsha, asihlangane ndawonye futhi—futhi sibone ukuthi konke kumayelana nani. Bese-ke uma si. . .imihlangano yethu, eyethu emikhulu, imihlangano ehlanganyele, uma amabandla ejoyinana ndawonye, njengoba besinjalo kulokhu ukuhlangana komhlangano wokugcina, manje-ke si—siyokwazi-ke nje ukuthi sifanele sithatheni, nokuthi sithini, ukuthi senzeni nje. Sonke sifuna ukukhuluma ulwimi olufanayo, ukuze siqonde.

5 Manje, enye into engithanda ukuyisho. Njengoba uMfowethu Neville esekusho kahle kakhulu lokho, sinifisela okuhle ukwedlula konke kulemikhosi yesikhathi sikakhisimuzi ngalesisikhathi se—senhlanganyelo kulezizinsuku ezingcwele, kanjalonjalo.

6 Bese kuthi-ke ngifuna ukuthatha lesisikhathi ukuzwakalisa, kini nonke, ukuthi ngibonga kakhulu kanjani kini, ngamakhadi enu kaKhisimuzi nezipho, nezinto esikwemukele ekhaya lethu. Nginibonga ngempela, ngayo yonke inhliziyo yami. Kusisize ngempela, kulokhu ukusa. Uma . . . nginomfanyana, osemncane ngokwenele ukuba afune isihlahla sikaKhisimuzi, futhi sibe naso endlini. Futhi kulokhu ukusa, ngiya phansi kwalapho, ngithole izipho eziningana ezivela ebandleni lami lapha, nabangane bami basezindaweni ezehlukene yonke lendawo, abangenile, bezibeka phansi kwesihlahla. Futhi anginawo amazwi okuzwakalisa kini ukuthi ngi . . . ukuthi ngizithokozela kanjani zonke. Futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini anganibusisa kakhulu, ngumkhuleko wami. Futhi manje . . .

7 Futhi thina, niyazi ukuthi kungaba njani, ngeke sabuyisela izipho emuva ngenxa yokuthi bengingeke ngenza imali eningi kangako, niyazi. Nge—ngenza amadola ayikhulu ngeviki, futhi nginomndeni omkhulu, futhi cishe nabangane abacishe babeyizigidi eziyishumi, futhi impela kungathi ukuba lukhuni ukuhamba ngibajikeleza. Kodwa si—siyanibonga nemicabango yenu. Futhi ngineqiniso ukuthi niyaqonda.

8 Manje ningabukhohlwa lobu—lobubusuku obuzayo boNyaka oMusha. O, ngiyayikhumbula iphathi yeWatch yokuqala ukuba ngike ngibe nayo lapha kulelitabernakele. Angiboni ukuthi ukhona lapha oyikhumbulayo. Kodwa kwakungubusuku obubodwa iNkosi eyakhipha khona esiningi kakhulu isitashi kumelusi wenu. Ngakho, silindele isikhathi esikhulu ngaleyonkathi,

9 Futhi manje, ngaphambi nje kokuba sikhuleke, ngithanda ukufunda isifundo somBhalo kulobubusuku.

10 Futhi kade ngithi nje ukuba nenkulumo-mpikiswano nami uqobo namhlanje. Ngi—ngimemezele ukuthi bengizokhuluma ngokuthi, kulobubusuku, uma sengifike lapha, *SiBonile iNkanyezi yaKhe KwelaseMpumalanga, Size UkuKhuleka kuYe*. Lokho kuthi ukuzwakala kwejayelekile kimi. Nomngane wethu olungileyo, uMfowethu Sothmann lapha, i . . . omunye wabaphatheli bebandla, ngibuze yena. Futhi wathi, "Ngineteyipu yakho, Mfowethu Branham. Wakushumayela, kwenye indawo." Nomngane wethu oyigugu, uMfowethu Leo Mercier lapha, umfana wamateyipu, wathi, "Yebo, cishe kahlanu." Ngakho, ngi—ngikushintshile kancanyana. Futhi esikhundleni sokushumayela ngokuthi *SiBonile iNkanyezi*

*yaKhe KwelaseMpumalanga,* ngifuna ukukhuluma ngodaba, kulobubusuku, oluthi: *ISipho sikaNkulunkulu esiSongiweyo*.

11 Futhi manje ngizofunda eVangelini likaMathewu oNgcwele, i—isahluko 2, okokufunda umBhalo, isahluko 2 sikaMathewu oNgcwele.

> *UJesu esezelwe eBetlehema laseJudiya emihleni kaHerodi inkosi, bheka, kwafika izazi eJerusalema zivela empumalanga,*
>
> *Zithi, Uphi lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? ngokuba sibone inkanyezi yakhe kwelasempumalanga, size ukukhuleka kuye.*
>
> *UHerodi inkosi..kuzwile lokho, wakhathazeka, neJerusalema lonke kanye naye.*
>
> *Wabutha bonke abapristi abakhulu nababhali babantu, wabuza kubo ukuthi uKristu uzakuzalelwaphi.*
>
> *Bathi kuye, EBetlehema laseJudiya: ngokuba kulotshiwe kanjalo ngomprofethi,*
>
> *Nawe Betlehema, lizwe laseJudiya, kawusiye omncane nakanye kubabusi bakwaJuda: ngokuba kuyakuvela kuwe uMbusi, oyakubusa abantu bami uIsrayeli.*
>
> *Khona uHerodi, ezibizile izazi ngasese, wabuzizisa kuzo isikhathi inkanyezi ebonakele ngaso.*
>
> *Wazithuma eBetlehema, wathi, hambani nifunisise ngomntwana; kuyakuthi nxa nimfumene,* nisho futhi, *ningitshele, ukuba nami ngiye ngikhuleke kuye.*
>
> *Seziyizwile inkosi, zamuka; futhi bheka inkanyezi, ezayibona kwelasempumalanga, yahamba phambi kwazo, yaze yafika yema phezu kwalapho umntwana ekhona.*
>
> *Zathi ukuyibona inkanyezi, zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu.*
>
> *Zase zingena endlini, zabona umntwana noMariya unina, zawa phansi zakhuleka kuye; zavula amagugu azo,* futhi *zamkhunga ngezipho;* zegolide*, . . . amakha, nenhlaka.*
>
> *Kwathi ziyaliwe nguNkulunkulu ngephupho ukuba zingabuyeli kuHerodi, zabuyela ezweni lakubo ngenye indlela.*

12 Manje ngifuna ukukhipha indikimba, kulobubusuku. Noma, hhayi ukusukela lapho, kodwa kuyo indaba efanayo, kuLuka oNgcwele 2:7.

> *Wazibula—yazibula ngendodana, wayisonga ngembeleko, wayelalisa emkhombeni wezinkomo; ngokuba bantula indawo endlini yezihambi.*

13 Asikhothamise amakhanda ethu manje okwezwi lomkhuleko.

14 Nkulunkulu onomusa nongcwele, Owasipha iSipho esikhulu ukudlula zonke lelizwe eselake lazi ngaso, iNkosi uJesu Kristu, ngokuzithoba siza kuWe, kulobubusuku, ekubongeni, nokuveza okuvela phakathi impela emntwini, izindumiso ezijulile zenhliziyo yethu, kuWe, ngalesiSipho esimangalisayo. Asinalutho esingabuyisela ngokuthi sinikele ngakho. Futhi kwakukuncane kakhulu Owakucelayo; ukuthi nje, "Zanini kiMi, nina enikhatheleyo nenisindwayo, futhi Mina ngiyothatha imithwalo yenu nezono zenu, futhi nginikhulule." O, ukushintshanisa okunje pho! Akekho owayengenza lokho ngaphandle kwaKho, Baba wethu. Futhi siyaKubonga ukuthi Wena usenzele lokho. Futhi singofakazi baKho kulelihora, ukuthi Ususa imithwalo yethu nezono, bese usipha injabulo nokuthula, esikhundleni. Sibonga kakhulu ngakho, Nkosi, lolu olungaphakathi, ulwazi lwesipiliyoni lomKristu, uKhisimuzi ezinhliziyweni zethu. Seneme kakhulu ngalokhu. Sithokoza kakhulu ukwazi ukuthi siphila osukwini lokuphela, lapho sibona izibonakaliso ziza futhi njengoba kwakunjalo ngalolosuku, lokusondela kwaKhe. Sithobisa izinhliziyo zethu eBukhoneni baKho, O Wena Omkhulu Odumile. UMoya waKho mawubuse ngokuphakeme enhliziyweni yethu, ezimpilweni zethu. Futhi usiqinise, kusukela ngaphakathi kuye ngaphandle, ukuze sibe yizinceku zaKho, kulelihora elikhulu nelimnyama izwe manje elibhekene nalo.

15 Sethula lokhu ukufundwa kweZwi laKho, Nkosi, kuWe, ngalenhloso eyodwa, yokuthi, kuLeli, uMoya oNgcwele ukwazi ukuqoqa ingqikithi ezokwenela, kulobubusuku, njengoMlayezo kaKhisimuzi kubantu baKho abalindile. Futhi silinde Wena. Nkosi, soka izindebe ezizokhuluma, nezindlebe ezizokuzwa. Futhi unike amandla, futhi ufake ukuPhila emaZwini eliphumayo, ukuze lisilethe ekwazini okungcono kweNkosi uJesu. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

16 Ngibhala imiBhalo eminingi lapha ukuba ngithathisele kuyo, kanjalonjalo. Ngimangele, izolo, lapho ngizwa lokho. Ngacosha iphepha, futhi lapho okukhona, izwe lezohwebo elikubiza, "umtitilizo kaKhisimuzi," lapho khona okubekhona imali eningi esetshenziswe ngalesisikhathi kunoma yake yasetshenziswa eminyakeni eminingi, ningi, kusukela emuva eminyakeni eminingi eyedlula. Nokuthi izixuku zazibuthene eJerusalema, nokuthi sasikhona kanjani isikhathi sokuthula esincane phakathi kwama-Arabu namaJuda, ukuthi bathe ukwehlisa umuzwa wabo, ukudedela i—izihambi zingene edolobheni futhi, ngalesisikhathi sika—sikaKhisimuzi.

17 Bengihlale ngimangala ukuthi kungani kwaze kwakhethwa lomuzi, iBetlehema.

18 Njengalabobafo beculile emizuzwaneni embalwa edlule, u—umfo omncane nomkakhe, nabantwana. Futhi lapho ngimangele, ngibhekisisa intombazanyana, ukuthi ibihambisana kanjani nalokhu, uhlobo oluthize lwehabhu olunezintambo ebiludlala. Nokuthi lowomfo omncane ubekwenza kanjani nokho eseyingane nje, kuphela, kodwa nokho ubekwazi ukuthi ahambisane nje ne...noma akwazi ukuhambisana naloluhabhu. Ngicabanga ukuthi bekubizwa ngohabhu. Manje, bese-ke ngi...

19 Ngicabanga ngeBetlehema, nokuthi kungani kwenzeka ukuba ikhethelwe ukuba ibe indawo yokuzalwa kweNkosi yamakhosi na? Futhi, niyazi, iBetlehema yindawo encane, idolobhana elincane impela. Bengihlala njalo ngimangala ukuthi uNkulunkulu akakhethanga ngani indawo yezenkolo kakhulu yakho, yalesisehlo esikhulu, njengeShilo. IShilo yayiyindawo yokuqala ithende, umphongolo owahlaliswa kuyo, emva kokuba usuwele iJordani. Noma iGilgali, omunye umuzi omkhulu wezenkolo; noma iZiyoni, entabeni, omunye umuzi omkhulu wezenkolo; noma ngisho ikomkhulu lokuzazisa, laseJerusalema, nazo zonke izazi zalo nabangcwele izikhathi ngezikhathi. UNkulunkulu akalikhethanga ngani iJerusalema na?

20 Wayikhethelani iBetlehema na? Mhlawumbe kwakubukeka sengathi Wayengakhetha enye indawo, omunye wemizi emikhulu yokuphephela, eyayizovikela iNdodana yaKhe uma kwenzeka kubakhona inkathazo equbukayo. Izindawo zokuphephela njengeRamoti-gileyadi. Leyo kwakuyindawo enkulu yokuphephela eyakhiwayo, ngokuba abantu babekwazi ukubalekela kulemibhoshongo. IKadeshi yayingomunye umuzi omkhulu wokuphephela. IHebroni, omunye umuzi omkhulu wokuphephela.

21 Kungani uNkulunkulu aqoka iBetlehema encane, wase-ke engakhethi lemizi emikhulu ngokuthe xaxa na? Futhi yayinamagama amakhulu ngokuthe xaxa, futhi enemuva elingene kakhulu kwezikamoya.

22 Kodwa, niyazi, uNkulunkulu unendlela yokwenza izinto, indlela yaKhe uQobo nje mayelana nezinto. Ngijabula kakhulu ukuthi Uyakwenza. Niyabo? Ngezinye izikhathi Uthatha izinto ezingenalo imuva lokukamoya, noma ezingenalo nhlobo imuva. Futhi yingakho EnguNkulunkulu; Angathatha into ethize engelutho, bese enza into ethize ngayo. Futhi, lokho, yilokho okuMenza uNkulunkulu. Yilokho okusenza siMthande. Yilokho okwenza thina bantu abampofu siMjabulele, ngenxa yokuthi ngisho noma thina, esimpofu, singenalo imuva, nokho uNkulunkulu angenza izinto ezinkulu ngathi uma Engake asithole sibe ngaphansi kokulawula kwaKhe.

23 UJoshuwa, kusobala, kwaba nguye owayethathe abantwana bakwaIsrayeli wabawelisa, wase ehlukanisa imihlabathi. Nalesisizwe sakwaJuda sanikwa lengxenye lapho iBetlehema likhona, okusekhoneni elisenyakatho engasenhla yesifundazwe sakwaJuda, umdweshu omncane othi ukuphuma njengenhlonhlo. Futhi kulendawo, lesisifundazwe, lesisifundazwe esikhulu, siyizwe likakolo elingasenyakatho, lapho ibhande likakolo lalikhona, lapho belima khona izinqwaba zikakolo nebhali.

24 Nenye yamadodana kaKalebi yakha futhi yaqamba lomuzi. KwakunguSalma igama layo, yayingenye yamadodana kaKalebi. Uma ufuna ukukubheka lokho, ngeqa inqwaba yalemiBhalo, kodwa ngibona abanye babazalwane bayibhala phansi. KwiziKronike zokuQala 2:15-. . . Futhi, ubungakuthola kuMathewu 1:5. Nalapho khona be, wakha futhi waqamba lomuzi omkhulu, owawungumuzi omncane, kodwa mkhulu ngenxa yezinto ezinkulu ezenzeka kulomuzi.

25 Njengoba bengihlale ngisho, akusilo ibandla elikhulu; nguNkulunkulu omkhulu ebandleni. Akusiyo enkulu, intaba engcwele; nguMoya oNgcwele omkhulu owawusentabeni. Akusuye umuntu ongcwele; nguMoya oNgcwele kumuntu. Niyabo?

26 Yileyondlela-ke lomuzi owawuyiyo. Wawumncane ngesakhiwo, futhi usesigodini kakhulu, futhi wawungabukeki kakhulu kangako. Abantu bawo abawakheleyo babebancane, futhi usenjalo nanamhlanje. Kodwa kwakungenxa yokuthi uNkulunkulu wawukhetha ukuba enze okuthize. Yilokho engikuthandayo, into ekhethwa nguNkulunkulu. Akunandaba ukuthi ibukeka kanjani, kubantu, nje inqobo nje uma uNkulunkulu ayikhetha.

27 URahabi isifebe, esimejwayeleyo sonke, yena e—eyitshitshi eladedelwa laya emgwaqeni ngubaba nomama abangabahedeni, abambeka emgwaqeni ngoba wayemuhle, futhi wayezobangenisela inzuzo, ngobufebe. Futhi nokho, phansi kulentombazane enesimilo esibi eyadedelwa yaya emgwaqeni, yayizwile ukuthi kwakukhona uNkulunkulu Owayephendula umkhuleko. Nethuba lokuqala eyalitholayo, ukwemukela lowoNkulunkulu noma ukuMenzela into ethize, yakwenza. NoNkulunkulu wayisindisa impilo yayo, futhi wasindisa uyise nonina, nomndeni wakubo. Yathandana nenduna esempini yakwaIsrayeli, sithola emlandwini, futhi yagana lenduna. Nokuqomisana kwabo kwakumangalisa. Futhi ekugcineni bazinza base bakha eBetlehema.

28 Futhi ngalenduna owesifazane waletha ezweni i—indodana, indodana ka—ka—ka . . . Angisalikhumbuli igama lenduna njengamanje. Bengizama ukulikhumbula. Bengicabanga ukuthi benginalo igama layo phansi lapha, kodwa anginalo. Nginegama

lendodana yakhe owesifazane, kodwa kwakuyindodana kaRahabi kulenduna. Igama layo kwakunguSalimoni. Hhayi uSolomoni owakha ithempeli, indodana kaDavide. Kodwa, omunye, uSalimoni, naloSalimoni wazala indodana egama lalinguBowazi. Futhi uBowazi, o, sonke siyayazi leyondaba emnandi kaBowazi noRuth.

29 Manje, niyabo, lesisifebe sasingoweZizwe, futhi sasingugogo wasendulo eNkosini yethu uJesu. Kanti futhi ngenkathi—ngenkathi uBowazi, indodana yakhe owesifazane engumzukulu, ivela futhi yaganwa nguRuth wakwaMowabi, naye futhi waganwa ngoweZizwe. Okwenza uJesu naye abe yingxenye yoweZizwe, uma sikhuluma ngokwasemhlabeni. Kwathi-ke ngenkathi bezala lomntwana wabo, igama lakhe lalinguObede. No-Obede wayenendodana, negama layo lalunguJese. NoJese wayenendodana egama layo lalinguDavide. Konke lokhu kwenzeke eBetlehema elincane. Kuyini na? Uzalo lweNkosi uJesu, imuva laKhe amadoda adumile kamoya ayeleqa, noma ababizwa ngamadoda kamoya.

30 Futhi kwakukulezizinkundla ezifanayo uSamuweli umprofethi agcoba khona uDavide ukuba abe yinkosi phezu kukaIsrayeli, khona lapha eBetlehema. Futhi ngoDavide kwavela iNdodana enkulu, “Wena Ndodana kaDavide,” iNdodana eyazalwa emkhombeni wesitebele omncane ngale kwecala legquma, ngasohlangothini olungasentshonalanga lomuzi. Kwakulapho kulelogquma lapho iziNgelosi zikaNkulunkulu zacula khona iculo lokuqala likakhisimuzi.

31 Igama elithi Betlehema, ake silihlaziye. B-e-t-h kuchaza “indlu.” E-l kuchaza ukuthi “Nkulunkulu.” E-l-h-a-m kuchaza “iSinkwa.” “Indlu yeSinkwa sikaNkulunkulu.” Kwakufanelana kanjani-ke neSinkwa sokuPhila ukuba sivele eBetlehema, “INdlu yeSinkwa sikaNkulunkulu.” O! Kuyindaba emnandi.

32 Cishe kwakusemva nje kancane kokuhwalala, nelanga lase lishonile. Izinkanyezi mhlawumbe zase ziphumile, nokukhanya kwase kucishe kube amahora amabili kushonile. Lapho imbongolo encane yayibeke ezincane, izinyawo zayo ezikhathele phezulu ngakwingemuva legquma, kwintshonalanga yeBetlehema, lapho ibhekisisa lapho eyayibeke khona izinselo zayo ezincane, ngoba umthwalo wayo wawuyigugu. NoJosefa wayeyihola ngesizotha, lapho abahamba ngabathathu beqala ukwenyuka igquma, noma babekade behamba usuku lonke, bevela ezansi beya eNazaretha. Futhi owesifazane wayelindele ukuba abe ngumama noma ngasiphi isikhathi, sesedlule kakhulu, mhlawumbe.

33 Kodwa zonke izinto zaziwa phakade nguNkulunkulu, okusebenzelana kube ngokuhle kulabo abaMthandayo. Kwaziwa phakade nguNkulunkulu ukuthi kufanele kubekhona inkosi engenazwelo ngalolosuku, uHerodi owayomele igazi.

UNkulunkulu wayazi ngalokho. UNkulunkulu wayazi ngokubalwa, nokuthi kwaba kanjani ukuthi lohulumeni ononya angabi nayo imicabango yesihawu kulowomama ompofu owayesethi nje akalungele ukubeletha indodana yakhe eyizibulo, ezinsukwini ezimbalwa nje. Kodwa wayala, ukuthi, "Bonke bafanele beze endaweni yokuzalwa engeyomdabu, futhi akhokhe izintela. Akunandaba ukuthi ukusiphi isimo, ufanele eze, noma yikanjani." UNkulunkulu wayazi konke ngalokho. Wayezazi ngaphambili zonke izinto. Futhi Wa—Wazi izinto zonke, niyabo, futhi Wenza izinto zonke zisebenzelane zibe ngokuhle.

34 Abahamba ngabathathu abancane wayengaqophisani ngakho, lapho bekhuphuka igquma. Ekugcineni, emva kokububula okukhulu, imbongolo encane, sengiyababona lapho bema esiqongweni segquma; lapho, bekhuphuka bevela ngasentshonalanga, bevela eNazaretha, beza ngale. Futhi emva kokuba sebethe qingqo egqumeni, ukuba babuke ezansi esigodini lapho iBetlehema ithe cababa khona. Amathoshi amaningi ayevutha. Abantu abaningi babekade bebuthene bevela kulolonke iGalile, ukuba beze endaweni yabo yokuzalwa lapho eBetlehema, nasesifundazweni sonke, ukuba babalwe nguhulumeni wamaRoma. Akunandaba ukuthi zimo zini, babethe-chithisaka emgwaqeni, abagulayo nabadingayo, nasebalala ocansini, onochoko, abaphethwe ngumdlavuza, a—a—a—abampofu, izishosha, izinyonga, izimpumputhe. Bonke babefanele beze, ngoba kwakuyisiyalo sikahulumeni. NoHerodi wayesemva kwakho, futhi kufanele kwenziwe.

35 Futhi lapho iqembu lethu elincane lima esiqongweni segquma, cishe kwakukhona idwala elibanzi elalilapho. Sengiyambona uJosefa emqukula, ngomusa, ngezingalo zakhe, futhi emsiza ukuba ehle emnyuzini omncane, wase—wase emhlalisa phezu eceleni kwedwala. Nomnyuzi omncane wabubula uphefumula. Futhi lapho uJosefa esehamba-ke amanyathelo ambalwa eya phambili, wabuka phansi eBetlehema elincane, futhi wabona imigwaqo iminyene, nokububula, namathoshi evutha emigwaqeni, nokuquma kwabantu. Futhi babecambalele emabaleni nasemagcekeni, nakulolonke ingaphandle lamasango omuzi. Cishe kwakuyinto ebonakala ingeny'into!

36 Kufanele ukuthi uJosefa washo into enjengalena. "Mariya, mntakwethu, cabanga nje. Ngaphambili nje komuzi, ngasenyakatho, yilapho uRuthe wakwaMowabi ayekhothoza khona laphaya emasimini kaBowazi. Laphaya, ngaphambili kwalokho nje, phezulu phezu kwentaba laphaya, yilapho uDavide, ngendwayimane yakhe, wathatha ibhubesi waliqumba phansi, wase edonsa imvu emlonyeni walo. Kufanele ukuthi kwakulapho, yilapho uJoshuwa ama khona lapha nenkemba yakhe ebenyezelayo, iqhawe lempi elingesabi labantu bakithi,

futhi waba amazwe, wase enikeza ifa esizweni sakwaJuda, kusona, s'thandwa, siluzalo kuso." Futhi ezintweni ezehlukene, ukuthi kufanele ukuthi wayemchazela kanjani ukuthi kwakwenzekeni.

37 Kwase kuthi-ke ngokungezwa-msindo osemva kwakhe, kufanele ukuthi wabheka ngemuva, ukubona ukuthi ngabe wayesahlezi khona yini edwaleni. Futhi lapho ephenduka, futhi wawabona amehlo akhe amahle ebheke ngasezibhakabhakeni, akabange esabuza, ngoba ukukhanya kweNkanyenzi kwakubuya kubonakala emehlweni akhe. Wazi ukuthi wayebuka Into ethize.

38 Futhi wambuka, wayesethi, "Josefa, uke wayiqaphela iNkanyezi ilenga ngaleya na?"

39 Futhi lapho ebheka, futhi isimanga, wathi, "Bengingakaze ngiYiqaphele ngaphambili, s'thandwa."

40 "Awu, kade Ilokhu isilandela njalo selokhu kushone ilanga. BengiYibhekisisa. Kufanele ukuthi Ichaza okuthize, ngoba nginokuzwa okumangalisayo."

41 Uyazi, uNkulunkulu wenza izinto kanjalo, ngezinye izikhathi, enzela abantu baKhe, esikhombisa ukuKhanya, noma ngenye indlela ukuze sazi ukuthi Useduze futhi Ukhona enkundleni. Akunandaba ukuthi izwe lizothini noma lenzeni, Usekhona lapho, futhi yonke into izohamba kahle. Ubuye uyakufakaza nje, ngoMoya oNgcwele, ukuba sikwazi ukuWuzwa.

42 NoJosefa cishe washo into efana nale. "Mariya, uyazi uk'thini? Angikaze ngijabule kangaka empilweni yami yonke. Lapho, ngike ngaqhutshwa ngizungeziswa nguhulumeni wamaRoma, kodwa nokho angikaze ngijabule kangaka njengoba nginjalo njengamanje, futhi angazi ukuthi kungani. Kubonakala sengathi kukhona ubungcwele phezu komuzi omncane, kulobubusuku, lapho esasizulazula khona sisengabafana namantombazane, emuva ebubhungwini nasebutshitshini bethu naseminyakeni yethu yesikole."

43 Le eMpumalanga, nasemamayeleni angamakhulu amaningi kude ukusuka lapho, isazi okuthiwa uMegi sase sivele sezisendleleni yazo. Zaziyibonile iNkanyezi yaKhe, futhi zazizokhuleka ePhaseleni eliyiSipho esincane sikaNkulunkulu Ayesithumela ezweni.

44 Isikhashana esincane nje kusukela ngaleyonkathi, nezwe lalizokwemukela iSipho salo esikhulu kunazo zonke eselake lasemukela, iPhasela elincane elisongwe lonke. Elincane, elokuqala iPhasela elincane likaKhisimuzi ukuba lize lisongwe, kulolonke izwe, uNkulunkulu waLisonga. Ngifuna ukubhobokela emcabangweni wami, futhi ngisho lokhu. Into enkulu kunazo zonke eyakwe yasongwa ngenyama yomuntu

yayisongwe kuLo. UNkulunkulu uqobo lwaKhe waZisonga Yena uQobo ephaseleni likaKhisimuzi wase eLithumela ezweni.

45 BaLalelani na? BabengaLiboni ngani na? Bayenqabelani na? Kungani babengaLifuni na? Isizathu esifanayo bengaLifuni kulobubusuku. Abalinikezwanga ngosiko ababevame ukinikezwa ngalo izipho. Yingalesosizathu Lenqatshwa namanje, kulobubusuku, yingoba Alinikezwa abantu ngosiko abebelusebenzisa ukwemukela izipho.

46 Kodwa uNkulunkulu usonga iPhasela laKhe uQobo. Unelungelo lokukwenza, Nguye OLinikezayo. Unelungelo lokuLisonga noma ngayiphi indlela Afuna ukuLisonga ngayo. Akwenzi-mehluko ukuthi ikanjani, Unelungelo lokukwenza ngoba Nguye Onikeza i—iSipho.

47 Enye into, isizathu saso sasingukuthi, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kanjalo njengoba kwakungesilo isiko kubo ukuba baSemukele ngendlela eSasisongwe ngayo. Babelindele into ethize, isipho siza, esasizokwehla ngezinqola zamakhosi, neNgelosi ephelekezelayo ishayela amahhashi omlilo. Kodwa lapho Sifika njengeNgane encane izalelwa emkhombeni, babengakaze bazi ukuthi umBhalo wawuthe, "Ngiyonika lelizwe isibonakaliso esikhulu."

48 Bacela isibonakaliso, ngoluny'usuku. Wathi, "Ngiyoninika sona. Kuyoba yisibonakaliso esikhulu. Kuyoba yisibonakaliso esiyohlala yonke iminyaka nyaka. Intombi iyokhulelwa futhi iyozala uMntwana, iNdodana, futhi bayoYiqamba iGama lokuthi u 'Emanuweli.' Leso yisibonakaliso esikhulu. Leso yiSipho eNgizosinikeza." Kodwa Asifikanga ngendlela ababeSilindele ngayo, futhi baSenqaba.

49 Kunjalo nakulobubusuku, mfowethu. ISipho sikaNkulunkulu asifikanga ngendlela abantu abafuna Sifike ngayo, futhi ngakho baSenqabile. AbaSifuni. BaSifuna sisongwe ngohlobo lwezimpahla abafuna ukuSisonga ngayo. Bafuna okucwebezelayo kuSo. Bafuna into ehlotshiswe ngezimbali, into efakwe amakha, into ebenyezelayo, into egqamile. Kodwa uNkulunkulu akaSithumeli ngasosonke isikhathi kanjalo. USithumela ngamandla, indlela Afuna ukuSithumela ngayo.

50 Eny'into, Salethwa yisihlupheki. UMariya, no Marta—Marta, njalo, noma . . . uMariya noJosefa kwakungabantu abahlupheka kakhulu. Babengabantukazana. Futhi ngoba Salethwa yizihlupheki, abaSifunanga.

51 Kunjalo nanamhlanje. Uma lesiSipho seBandla esikhulu, uMoya oNgcwele, wehlela phezu kwezihlupheki nabathobekile, izicebi aziWufuni. Azifuni ukuzithoba. ZiWufuna nabeqembu elifanayo, kodwa aziWufuni ngendlela uNkulunkulu aWuthumela ngayo. Abantu abaningi ufuna ukwemukela uMoya oNgcwele, kodwa—kodwa bafuna ukuWothola ngendlela abaWufuna ngayo. Kodwa, o, ngijabula kakhulu ukuthi

ungeke wenza ngaleyondlela. Uzofanele ukwenze ngendlela uNkulunkulu aWuthumela ngayo kuwe, futhi sizithobe ukuze siWemukele.

52 Sasingasongiwe ngamalineni acolekileyo. Sasisongwe ngembeleko. Okungukuthi, ngifundiswa ukuthi yona impela lento uJesu ayesongwe ngayo, uKristu, kwakuyindwangu eyayisuka ngemuva kwejoka lenkabi, eyayilenga esitebeleni. Wayesongwe ngembeleko, kwakuyi—yi . . . lapho ababeka khona i . . . isidwedwe esithandelwe ejokeni lenkabi, ukulivimbela lingaphucuzi isikofu kuyo ngenkathi idonsa. Bona, babengenazingubo zaKhe. Futhi ba . . . O, lapho ngicabanga ngalokho, kucishe kwephule inhliziyo yami; kungekho zingubo zika Emanuweli, uMdali wamaZulu nomhlaba. Futhi Engenazingubo zokwembatha, futhi wadingeka ukuba asongwe ngesidwedwe inkabi eyayisihhudle ngentamo yayo. O, isibonakaliso esikhulu kanje pho!

53 BeSifanele sikhange ngempela kubantu. UJehova omncane, ekhala njengengane. UNkulunkulu, enziwe inyama, esePhaseleni. UNkulunkulu, Osibekela wonke umkhathi nesikhathi, wayekhona izwe lingakabikho, noma inkanyezi, noma imolekhuli umsuka wezinye izinto omncinyane kakhulu, Wazisonga ngePhasela elincane futhi walaliswa emkhombeni; esitebeleni, lapho imiqhuba yezinkomo nezimvu, nezinto; phezulu phezu kwalesositebele, nakulomkhombe omncane, otshanini noma utshani obomile osebusikiwe. UJehova wayelele lapho, ekhala njengengane. Ungathini nje ngakho?

54 Ngani, izicebi zazingafuni lutho olunjengalokho. Lokho kwakuzokonakalisa imicabango yazo uqobo, noma yini ethobeke kanjalo. Futhi kuzolethwa yintombazane, intombazane engumuntukazana omncane eyayithathwa ngokuthi, komakhelwane bayo, wu—wuhlanya; nangombazi mhlawumbe owayazi o ABC bakhe. Futhi babengake bayizale kanjani noma yini eyayingagabisela noma ithobe amehlo omuntu odumileyo na? Babengake bayiveze kanjani into eyayizothokozisa noma yenelise isicebi, abantu abangqondo-ziphakeme, noma amahlelo angezinsuku zabo na? Benqatshwa, udede.

55 Hhayi ngalolosuku kuphela, kodwa ngalolusuku, futhi. BayaSenqaba, udede. ASifiki sisongwe ngendlela abaSifuna ngayo. Bafuna uku—ukuSilahla, bathi, "Akukho lutho kuSo." Ngakho izicebi namahlelo bayasala lesoSipho. Ababengafuni lutho ngaSo. Ngani na? Babeyenzelani into enjengaleyo na? Sasingasongiwe ngesiko lesivumokholo zabo. Yingalesosizathu ukuthi kungani, namhlanje, ukuthi bangasifuni iSipho sikaNkulunkulu. LeUnited States ayimfuni uNkulunkulu. Lamabandla awamfuni uNkulunkulu. Afuna uSanta Claus. Afuna into enokucwebezelayo nemibala ebomvu, ne—ne—ne—negqamile, into ekhazimulayo. Bala iQiniso leVangeli, laMandla

nokuvuka kukaKristu Jesu. Ngeke Lisongwe nezivumokholo zabo. Ungeke wasongela uKristu esivumweni-kholo.

56 Kade ngilalele, kulokhu ukusa, njengoba bengiya kwamama, kusesekuseni, ngavula umsakazo. Nebandla belicaphuna noma lisho i . . . lokhu okubizwa ngokuthi, iSivumokholo sabaPhostoli. Ayikho into enjalo.

57 Isivumokholo kuphela abaphostoli abake bakwazi ukuba naso, sitholakala eZenzweni 2:38, “Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu. Niyokwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Leso yisona sivumokholo kuphela engike ngasibona, eBhayibhelini, abake basisebenzisa.

58 Lesi esinye siyisivumokholo esenziwe ngumuntu. Futhi ungeke wasonga uKristu ngesivumokholo sePresbyterian, noma ngesivumokholo seBaptisti, noma isivumokholo seKatolika, noma yisivumokholo samaPentecostal. Into eyodwa kuphela uKristu ayosongwa ngayo, futhi leyo yinhliziyo yakho, hhayi isivumokholo sakho. Ufuna inhliziyo yakho. Unombhoshongo olawulayo lapho Athanda ukusebenza nawe, ukuletha ekuPhileni okuPhakade. Ngeke nje Emukela; futhi ungeke uMsonge ngezivumokholo. Ungeke ngalesosikhathi, ungeke manje. Awusoze wakwazi ukukwenza

59 Ngakho, abakwazanga ukuSemukela, ngoba bacabanga kakhulu ngezivumokholo zabo kunoma benza ngeSipho.

60 Kungaleyondlela-ke namhlanje. Abantu abakwazi ukwemukela ukukhuluma ngezilimi, ebandleni labo. Kungona isivumokholo sabo. Abakwazi ukwemukela ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, neziMfundiso zeBhayibheli ezinkulu ezinjalo zokuvangela, amaQiniso obuphostoli. Ngani na? Ngoba isivumokholo sabo siyaWugxeka. O, ubuwula obungaka pho, ukuthatha iphepha iPhasela elisongwe ngalo bese ulahla iSipho. Njengesithutha, sathatha ibhokisi futhi salemukela, sasesilahla isipho. Lingaleyondlela-ke ibandla, nabantu bayenza namhlanje, bayakhohlwa ukuthi iSipho sikaNkulunkulu singukuPhila okuPhakade ngoJesu Kristu. Wenqatshwa impela namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Lobubusuku bukaKhisimuzi, Wenqatshwa nje kakhulu impela njengoba Wayenjalo ngobusuku bukaKhisimuzi wokuqala. Ngeke bakwenza, ngoba kuphikisana nezivumokholo zabo. Konke kusukela phansi eminyakeni, besinento efanayo.

61 Akumangalisi yayingekho indawo yaKhe endlini yezihambi. Qhabo. Kwakungasongiwe kahle; Sasingasongiwe, iphepha eligqamileyo emacaleni onke kuLo. Sasisongwe njengeSipho, njengeSipho esivela kuNkulunkulu, esithunywe sivela kuNkulunkulu, uNkulunkulu ababengazi lutho ngaye. Bazisho ukuthi babazi. Futhi bazisho ukuthi babefuna Yena. Kodwa

Akafikanga ngendlela ababecabanga ukuthi Wayeza ngayo, ngokwezivumokholo zabo, futhi abakwazanga ukwemukela iSipho sikaNkulunkulu. Wayesongwe ngokwehlukile. Wayesongwe yonke indawo njengengane. Wazalelwa emkhombeni. Uvela kubantu abayizihlupheki. Uvela esigejaneni se "zihlanya," ngakho babengayemukela kanjani into enjengaleyo na? Akumangalisi yayingekho indawo yaKhe endlini yezihambi.

62 Ayikho indawo yaKhe, namanje, emabandleni. AyaMxosha. Abakholelwa kuSo. Bayothi, "Susa Into enjalo! Ingubuhlanya. Asifuni lutho ngaYo. Iphambene nezimfundiso zawobaba bethu, izimfundiso zalelibandla, izimfundiso zezivumokholo zethu zokhokho bethu." Ngakho-ke, uKristu wenqatshwa nje namhlanje njengoba Wayenjalo emuva lapho. Ayikho indawo, kulobubusuku, emabandleni ethu alungileyo, amabandla ethu amakhulu, amabandla ethu amahle. Ayikho indawo eziyingini zethu zezenkolo, namhlanje, zomhlangano kaMoya oNgcwele. AbaWufuni. Wona, Uyabehlisa ebusweni babamazinga ezwe. Uyabehlisa ukucabanga ukuthi bazithobe ukuba behlele e altare, ukuba bakhale nokuthi balinde lapho baze bagcwaliswe ngaMandla avela Phezulu, ukuba basukume lapho sebenokuPhila okusha; ukudedela abesifazane bayekele izinwele zabo zikhule, futhi baziphathe njengoba abesifazane befanele baziphathe kanjalo; ukwenza abesilisa balahle osikilidi babo, nokuyeka ukuphuza kwabo, futhi baphathe imindeni yabo kahle. Kuyabasinda. Ngakho babambelela esivumwenikholo sabo, sebandla labo, esikhundleni sokwemukela iSipho sikaNkulunkulu, iSipho sikaKhisimuzi sikaNkulunkulu.

63 Bayoqoka ukuba nesivumokholo kunoma babe neSipho, baqoke ukuba nephepha kuneSipho. Bafuna iphepha, impela, into ecwebezela yonke, inqwaba yokuqophisana abangayenza ngakho. Kodwa iSipho sangempela esingaphakathi kwalo, abaSifuni. Niyabo?

64 Wayesongiwe, ngalesosikhathi, ngendwangu engcolile, imbeleko. Futhi Usongiwe, namhlanje, ngento efanayo, abayibiza ngokuthi, "umginqiki ongcwele, ubuhlanya, isigejane sabakholwa ngokuphambene nokukholwa okuyikho." Sisongwe sonke ngembeleko, nezwe aLisifuni. O! Ngijabula kakhulu ukwembula leyondwangu. Ngibuke ukuthi yini elele phansi kwayo: ukuPhila okuPhakade, uNkulunkulu, enziwe inyama wakha phakathi kwethu.

65 Qhabo, abaMfunanga. Sasiphazamisana neziyingi zamaqembu abo ezenkolo.

66 UkuSemukela, namhlanje, Siyababaphazamisa. O, uma kungake kusukume omunye ebandleni, futhi aqale ukumemeza, noma odumise uNkulunkulu, noma omunye athi, "Amen," njengaleliqembu labefundisi lapha, into ethize, noma

ezethamelini, ngokushesha umngenisi angabaholela emnyango. Futhi uma ubenegama lakho encwadini, belingasulwa ngokushesha. Niyabo? UNkulunkulu akanathuba.

67 Uma uMongameli okhethelwe ukungena esikhundleni, uKennedy, ubengavakashela lelidolobha lapha, be—bekungabhakuza amafulege, no—nokucwebezelayo bekungabhakuza, bekungendlalwa no—nokhaphethe, no—nokwemukelwa okunjalo o—ongakaze ukubone. Okungukuthi, kulungile lokho uma befuna ukukwenza lokho. UnguMongameli okhethelwe ukungena esikhundleni eUnited States. Kodwa uma ubengeza, be—bebengakwenza konke lokho, futhi bebengamemukela ngesasasa elikhulu ukwedlula konke, nokucabanga, ukuthi, "Uzithobile ukuba eze edolobheni elincane kangaka njengeJeffersonville, eIndiana, lapho iNew York namadolobha amakhulu embiza, ndawo zonke, okwesikhashana esincane nje, ukuba bakhulume naye." Ukuba ubengeza eJeffersonville, edolobheni elihluphekayo njengelethu, bebengakubeka kanjani, esikubiza ngokuthi, "inja." Futhi bebengenza konke, bahlobise ne—nemigwaqo, futhi benze konke ukuba bamenze emukeleke. Kulungile lokho, uma ungusombusazwe. Lokho kulungile.

68 Kodwa uJesu angeza ngesimo sokuvuka kwaMandla aKhe, angeza ekuMoya oNgcwele, futhi angabonisa izibonakaliso nezimangaliso, futhi onke amaphephandaba ayoWugxeka. Abantu bayoWubiza, "ginqiki abangcwele." Bayothi, "Abantu uyahlanya." Akumangalisi sinebhomu le atom libhalwe igama lethu kulo. Sedelela isihawu, akusekho okusele kuphela ukwahlulelwa. O, ngeke baWemukele. Abazange ngalesosikhathi. Bangeke manje.

69 Abakwenzanga ngani na? Nje ngifuna ukubuza, abanikanga ngani, bemukele iSipho sikaKhisimuzi sikaNkulunkulu na? Akwenziwanga ngani, bakwenze na? Uma kuyisipho nje ababengasibuka, futhi Silungelane nomphakathi wabo, Sasiyolunga. Uma okwethu . . .

70 Uma lenkolo kaMoya oNgcwele ibingalungelana nomphakathi wabantu namhlanje, bebezoWuthatha. Awu, abaWuthathi ngani, pho? Ngoba bacabanga kakhulu ngomphakathi wabo kunoma benza ngoKristu. Yiqiniso lelo.

Wena uthi, "Ukhuluma kanzima kabi ngaYe."

71 Ngesekela Yena. UyiNkosi yami. Ngine . . . Ngi—ngi—ngiyinceku yaKhe. Nginelungelo lokumemeza kakhulu ngimelane nalokho okuyiphutha. Kunjalo. NamaKristu ayakukholwa lokho, futhi ayakwazi lokho, futhi ayakuvuma lokho, futhi ayazi ukuthi kuyiQiniso.

72 Kwakuyini isizathu sokuba bangayemukeli lePhasela? Babazi ukuthi kwakukhonani ngaphakathi kuLo, futhi babengaLifuni.

73 Yingalesosizathu amabandla nabantu, namhlanje, nohulumeni emazweni, bengezukusemukela iSipho esiyipresenti kaKhisimuzi sikaNkulunkulu, yingoba bayazi ukuthi kukhona ni phakathi kuSo. AbaSifuni. Siyokwenza abesifazane baziphathe ngokwehlukile. Siyokwenza abesilisa bazibathe ngokwehlukile. Uyofanele uthwale igama lokuthi "uhlanya." Uyofanele uthathe indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Uyofanele uhlanze impilo yakho. Uyofanele uyeke ukuncishana kwakho. Uyofanele uyeke ukwenza okungalungile ukukhohlisa, ukweba, ukuqamba amanga, ukuphinga. Uyofanele uziyeke lezizinto. Nabantu abaSafuni. Nakuba bangahle bazi ukuthi Silungile, kodwa abaSifuni. Siletha iQiniso elininigi kakhulu kubo. Sembula izono zabo, ngakho ngakho-ke abaSifuni, abafuni kwenza lutho ngaSo, "Dedani kuSo."

74 Yileyondlela okwakungayo ngalolosuku. Babazi ukuthi kwakuyini eyayisongwe kuSo, ngakho bathi, "Sisuse."

75 AbaSifuni. Yinto efanayo, namhlanje, abaSifuni neze. Futhi abawufuni uMoya oNgcwele, namhlanje, yingoba bayazi ukuthi kusongweni phakathi kuWo. Bangambhekisisa u—umuntu emukela uMoya oNgcwele. Bama phandle lapho futhi babone ukuthi lowo wesifazane, mhlawumbe ephansi kabi kabi, ngangokuthi ngisho nezinja kuyobal'ukhuni ukuthi zimbuke; futhi bambone lowo wesifazane enyuka esuka kulelo altare, esengumuntu omusha; ukubona lowo wesifazane ehlanza yonke impilo yakhe, aphume futhi aziphathise okwenenekazi. Babone lowo ogijimela emaphathini amabhuloho, obhema amapaki amane noma amahlanu osikilidi ngosuku, ezulazula ngasemasaluni, impukane yasebha yanjalo nje; futhi bayazi, uma bake baze *bavuma* lesiSipho sikaNkulunkulu, sisongwe ngePhasela elithiwe nguJesu Kristu. Siyozona zonke nezincu ezokuzijabulisa zabo zezwe, ngoba ngeke Akumele lokho. Senza okuthize kubo, Siguqula abantu. Abantu abafuni ukuguqulwa. Bona, "Awung'yeke."

76 Kungikhumbuza ngaleyondoda eyayikhwelwe amademoni. Leyo, uJesu awelela kuyo eGadara, futhi kwakukhona indoda lapho, nodeveli abayizinkulungwane ezimbili bekuyo. Futhi bathi, "Yini kunga. . .Sinamsebenzi muni naWe na? Yini Uze lapha na? Shiya amazwe ethu. AsiKufuni lapha." Babefuna ukuyekwa benjalo. Abantu bazizwa bekahle, ekhaya, benodeveli, kunoma benza benoJesu. Ngakho bathi, "Phuma ezweni lethu, asiKufuni lapha."

77 ULegiyona omdala ozihluphekelayo, waba nguye kuphela o—owayefuna usizo. Uza njalo kulabo oMfunayo. Uza kulabo oMdingayo. Ngakho, waba nguye kuphela owasizwayo. Bengihlala njalo ngicabanga, uma ngifika eZulwini, ngifuna ukubona ukuthi bunikeza isisindo esikhulu kangakanani—kangakanani ubufakazi bakhe kubafuyi bezingulube ngale

eGadara. Uma kuzobabiza inani lomhlambi wezingulube, babengafuni-mvuselelo.

78 Uma kuzobiza abantu noma yiliphi inani, abafuni kwenza lutho ngaSo. Kungaleyondlela namhlanje, uma Sizokubiza inani eliyiphathi yakho yokulutha, izikhathi ezinkulu, izigazu zakho, amahlaya akho angcolile, konke ukungcola nezinto zezwe. Isizathu bengaSifuni, Siyobabiza inani elithize, igama elikhulu lenhlangano yakho yomphakathi elinenqwaba yobucwebecwebe kulo.

79 Kodwa Siyokunika igama elilotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, elingashabalali. Ngakho, uzithathela ozikhethela khona. Ungonokuzikhethela. O! Yemukelani iSipho sikaKhisimuzi sikaNkulunkulu, ngumkhuleko wami—wami ngawe. Yebo.

80 AbaSifuni, ngoba Senza okuthile kubo. Noma, kwenza uhulumeni na? Uhulumeni wayengaMfuni. UHerodi wayengaMfuni. Qhabo, mnumzane. Ngoba ngani na? Wayezoguqula uhlelo lwakhe.

81 Nohulumeni akaMfuni, namhlanje. Sifanele ukuba yisizwe samaKristu.

82 Ngani, i U.N. inhlangano yezizwe ayiMfuni. Bayothatha yonke eminye imibono ngaphandle kowaKhe. Abasoze bawenza umkhuleko. Akukho-mkhuleko ekuhlanganeni kwaleyomihlangano. Bavele bahambe bangene lapho bese "inja idla inja," njengoba sinjalo isisho esidala sasemgwaqeni. Abamfuni uKristu. Ubezoziguqula izinhlelo zabo, ngakho-ke abaMfuni. BabengaMfuni ngaleyonkathi. AbaMfuni manje.

83 Amabandla ayengaMfuni, ngoba Wayengavumelani nezivumokholo zabo. Wabatshela ukuthi babeyi, wathi, "Nina nzalo yezinyoka, nina zindonga ezicakiwe zamhlophe." Wababiza ngakho konke okwakungafundiswa. Watshela uHerodi omdala, wathi, "Hambani nitshele leyompungushe." Futhi yini engcole ukwedlula impungushe na? Yini enuka kakhulu nephansi—phansi ukwedlula impungushe endala engcolile na? UJesu wathi, "Yilokho ayikho." Ngakho, Wa—Wa—Wayebiza okumnyama ngokuthi "kumnyama," nokumhlophe "kumhlophe." Wa—Wa—Wayebiza okungalungile ngoku "ngalungile," nokulungile ngoku "lungile." Ngakho, babengakufuni lokho.

84 Amabandla namhlanje awamfuni umelusi ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, azokubilisa kuphume ngempela, futhi anitshele ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Abakufuni. Bangamxosha, ngokukhulu ukushesha. Ibhodi yabadikoni iyaqoqana bese iyamxosha, ithole omunye, bese bexoxa ngezivumokholo zabo.

85 Mfowethu, angazi-sivumokholo kodwa uKristu, akukho-mthetho kodwa uthando, futhi akukho-ncwadi kodwa iBhayibheli. Yilokho esikudingayo. Yilokho amabandla akudingayo.

86 Kodwa a—a—abantu abaSifuni. Ngakho, balisonge ngqi ibandla kulamahlelo baze bathathe ibhodi yabaphatheli noma ibhodi yabadikoni bese bejikisela umelusi olungileyo noma yikuphi lapho befuna khona. Kodwa ngeke bamjikisa uNkulunkulu, yileyonto eyodwa eqinisekile. UNkulunkulu uzohlala enguNkulunkulu. Bangeke beMemukele. Bemukela abangane babo—bo nosombusazwe babo, kanjalonjalo, kodwa bangeke bemukele uKristu.

87 Bangaqoka ukuba noSanta Claus, noma ngasiphi isikhathi. Izwe yilona eseliphethe. USanta Claus uyena osephethe. Awu, niyazi, abantwana abancane abazi ngisho nokuthi usho ukuthini uKhisimuzi.

88 Abazi ukuthi lisho ukuthini iPhasika, liyi—yikhekhe elenziwe unogwaja lePhasika, uhlobo oluthile lukanogwaja, noma inkukhu encane eyenziwe yaba nombala ophuzi, noma okuthize. Ngabe uNkulunkulu, ukuvuka, kuhlangene ngani nenkukhu, inyoni engcole kunayo yonke ekhona na? Yini enye enokungcola okukhulu ukwedlula inkukhu na? Futhi ba—bayifaka lapho, bese ithatha indawo kaKristu.

89 Yini enye eyinganekwane ukwedlula uSanta Claus na? Yayingakaze ibekhona into enjalo. Betshela abantwana amanga, uyoba necala ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa.

90 Akumangalisi abantu bengazi ukuthi bazokwenzani. Ba . . . A—abayifuni nje into yangempela. Bayothatha noma yini eyenziwe nje ngokufanisa, kodwa abayifuni into yangempela. Abazifuni izipho zikaNkulunkulu. O, he! Impela. Abamfuni uJesu, yileyonto eyodwa.

91 Nginokubhalwe phansi lapha, isizathu esisodwa ababengaMfuni ngaso, yingenxa yokuthi ngenkathi Eyongena ethempelini labo, futhi Wathola ukungcola kwabo ethempelini, Wagumbuqela amatafula wase exoshela ngaphandle abashintshi-zimali. Walihlanza gelekeqe.

92 Futhi uma bebengake baze bavumela uMoya oNgcwele ungene kwelinye lamabandla amakhulu azungeze lapha, Ubezolihlanza gelekeqe. Ngakho, angeke aWuvume, niyabo. Ubuzobenza bayeke ukugembula, ubenze bayeke lawomaphathi omculo wokuzibinya.

93 Befaka isithombe sabo ephepheni, njengemidlwembe, njengoba kwenza umshumayeli wamaMethodisti ezansi lapha eHoward Park, eClarksville. Nginomfowethu ohlezi lapha manje, uma engamkamelanga izinwele zakhe zabheka phansi. Noma yiyiphi indoda, inceku kaNkulunkulu, efaka isithombe

sayo ephepheni, inephathi yemidlwembe yento ebandleni. UJohn Wesley ekwazi lokho, ubeyojika ethuneni lakhe. Ngani? Bamala uKristu uJohn Wesley ayemazi, kunjalo, futhi bavuma imidlwembe. Banenkolo yemidlwembe. Banabantwana bemidlwembe, ubaba wemidlwembe, umama wemidlwembe, uMongameli wemidlwembe, futhi nje kuqhubeke njalo njalo, futhi ngakho kulokhu kuqhubeka nje kuhamba. O, ihlazo elinje pho! Ngani? Bayakwala okwangempela.

94 UNkulunkulu wathi uyobathumela ukweduka okunamandla, ukuba bakholwe ngamanga futhi balahlwe yiwo. UNkulunkulu wathi kuyokwenza. Wala okulungileyo, uzofanele uthathe okungalungile. Ayikho enye indlela. Uyala ukuhamba ngakwesokudla, uzofanele uhambe ngakwesokunxele, uhamba ngenye indlela ngaphandle kweyesokudla. Ngakho, ungeke uhambe ngokulungile nokungalungile ngesikhathi esifanayo. Uma bala uMoya oNgcwele, bala uKristu, bala uhlelo lukaNkulunkulu, bala isithunywa, bala yonke into. Ngakho, ngakho-ke, bashiywa ezonweni zabo, futhi akukho osekubasalele-ke kepha ukwahlulelwa. Kodwa Ben, kulungile. Nje, kunjalo impela, banakho. Bale uKristu. Bale uhlelo lwaKhe. Bawala uMoya waKhe. Uvivinyiwe, iminyaka engamashumi amahlanu, ukuthi uMoya oNgcwele ubuwehlela eMelika. BaWalile, iminyaka engamashumi amahlanu. Futhi kulobubusuku kumnyama kakhulu futhi kuhlwe kakhulu kunoma kwake kwaba njalo.

95 Futhi ngisho naphezu kwalabo Owehlela kubo, ekuqaleni, abantwana babo bahlelile base bewenza ihlelo, base bekusongela ezinhlanganweni, sebeze bala uNkulunkulu impela oyise abaMemukelayo. Amen. Manje-ke, bazisho ukuthi bayi “pentecostal.” O, qhabo. Akuyenzi ingulube ihhashi, ukuhlala esitebeleni. Qhabo, nhlobo. Kanjalo akumenzi umKristu ngendoda esonta ebandleni lamaPentekoste, iBaptisti, iPresbyterian, noma yini enye. Iselokhu iyisoni ize iphenduke. Futhi uma isiphendukile, izelwe ngokusha, uMoya kaNkulunkulu, futhi yaguquka. Futhi isivume uKristu, noMoya oNgcwele usungene futhi wayenza isidalwa esisha, okudaliweyo okusha.

96 Manje-ke, baWala ngalesosikhathi. BayaWala manje. Ubezogumbuqela amatafula abo emali. Ubeyogumbuqela ibhodi yabo yabaphatheli, ibhodi yomelusi yabo—yabo. Be—bebengeke, Ubeyo . . . Bebezothola ibhodi, kulungile. O, bekuzobakhona umehluko omkhulu kabi uma Efika angene emabandleni namhlanje, kodwa Akakwazi ukungena.

97 SaMthola, ngobunye ubusuku, kulonyaka webandla, elaxazwe ngaphandle yibandla laKhe uqobo; emi emnyango, engqongqotha, ezama ukubuye angene futhi. UBaba onesihawu! Emva kokukhahlelwa aphume, ngabantu baKhe uQobo, ezama ukubuyela eBandleni laKhe futhi! Wathi, “NginguYe

ohamba phakathi kwezinti zezibani zegolide eziyisikhombisa." Futhi onyakeni wokugcina webandla, nangu Wayekhona, ngaphandle. BaMkhahlela bamkhipha. Kuphi na? Kulonyaka waseLawodikeya. Umi futhi, uzama ukubuye angene futhi, emnyango waKhe uQobo, ebandleni laKhe uQobo. Into elethelana umunyu kanje pho! Leso ngesinye sezithombe ezilethelana umunyu kakhulu iBhayibheli elisipendayo, yilesosahluko 2 seZambulo, esesi 3, njalo, ukuthi lokho kukanjani ukuthi, uKristu ungaphandle!

98 Kukhona enye into elethelana umunyu. Ngicabanga ukuthi elinye lamaZwi alethelana umunyu kakhulu uJesu ake awasho, kwakungenkathi Ethi, "Baba, NgiyaZingcwelisa, ukuze bangcweliswe." Ngamany'amazwi, Wayenelungelo. Wayeyindoda. Wayenelungelo lokuba nekhaya. Wayenelungelo lokuba nomndeni. Wayeyindoda, eyindoda kakhulu impela njengoba unjalo, noma nami nginjalo, enabo impela ubudoda ebudodeni baKhe njengoba sasinjalo. Wayenelungelo kukho. Kodwa Wayeqeqesha amadoda ayishumi nambili eyayizothatha iVangeli liye ezweni lonke, ngakho WaZingcwelisa ngenxa yabo. "NgiyaZingcwelisa, ngenxa yabo." ISipho sikaNkulunkulu, Ezigcina engcwelisiwe.

99 O, izipho zikaNkulunkulu, ninabantu enizisho ukuthi nemukele uMoya waKhe, zigcine ungcwelisiwe. Yebo. Deda ezintweni zezwe, ngcweliswa. O!

100 Ubani owayazi ukuthi kwakukhonani kuleliPhasela leSipho na? Ngabe wayekhona umuntu owake wathola ukuthi kwakukhonani kuLo na? Ngijabula kakhulu ukuthi wayekhona. Ubani owaLazi na? LaliyiNto efihlakele, iTshe elinqatshiwe, kodwa wayekhona owathola ukuthi kwakukhonani kuLo. Ngijabula kakhulu.

101 Ngiyathanda ukuhlolisisa izinto. Anithandi nina na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyathanda ukugubha izigaqa zensimbi ezinenani bese ngiyazipholisha yonke indawo, ngibone ukuthi—ukuthi kukhonani kuzo, ngisibeke phambi komshini wokukala ubunsimbi iGeiger.

102 Wabekwa phambi kweGeiger, naye, eKalvari. Wayeyikhulu lamaphesente. Impela. WayeyiGolide elikhulu kunawo onke abake bawathola, iDayimane elidula ukwedlula onke kwelake—lake labakhona. I—iBhayibheli lathi, "UMbuso weZulu ufaniswa nomuntu othenga amadayimane. Futhi uma ethola Leli elikhulu, wathengisa ngawo onke amanye, futhi ukuba nje anikele kuLo, ukuba aLithenge." UyiDayimane elilinganisiwe esisindweni samadayimane oqobo eliwedlula onke elake lakhishwa othulini lomhlaba, iGolide elikhulu ukwedlula onke eselake lakhishwa emhlabathini. UyiGugu, iGugu laseZulwini, iDayimane elikhulu.

103 Uma idayimane elikhulu litholwa eNingizimu Afrika. Ngike ngedlula e—emadayimaneni amakhulu eKimberly. Futhi bathatha lawomadayimane, futhi uma bewakhipha othulini, eluhlaza, bese-ke bewaqhephula. Futhi isizathu sokuba bawaqhephule, bawasike, kungukuba abonise izinkanyiso. Cisha izinkanyiso kulokho, isilinganiso sesisindo salokho, kukhombisa ukuthi yisisindo esingakanani esikulelodayimane. Uma lingenayo inqwaba yomlilo nokukhazimula, akusilo idayimane eliningi kangako. Kodwa uma line. . . Yingilazi. Kodwa uma kuyidayimane langempela, idayimane elinesisindo sedayimane langempela, libonisa ukukhanya futhi likhombise imibala ehlukene.

104 Yilokho Ayeyikho. WayeyiDayimane. "Futhi Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Wachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaKhe, nangemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." O, leyomisebe yothando lukaNkulunkulu nokuKhanya kubonisa ukukhanya okuvela kuYe: aMandla okuphilisa, uthando, ukuvuka. UNkulunkulu waMlimaza, futhi waMchoboza, futhi waMgenca, futhi waMsika, ngenkemba yamaRoma ne—ne—nesiswebhu samaRoma, izinhlangothi zaKhe lwaze lwehlukana. NeGazi ligobhoza emhlane waKhe, futhi lingaphezu kwekhanda laKhe, futhi lehla njalo ngentshebe yaKhe, futhi lehlela ezinyaweni zaKhe. O! Wayenzani na? Wayebonisa uthando. Wagona isiphambano! Esikhundleni sothambile, umqamelo onezimpaphe; umkhombe wotshani obomile. Esikhundleni sencane, igawuni ephinki ukuba ayigqoke; imbeleko.

105 O, mfowethu, ungabona ukuthi zinjani izinjulo zothando na? Ngangikhuluma, abanye abantu ekhaya lami, ngobunye ubusuku. Akekho owayengake athinte ukuthi uthando lukaNkulunkulu lujule kangakanani. Ukuthi, "O, thando lukaNkulunkulu, ucebe kangakanani, umsulwa kangakanani!" Lelovesi lokugcina, noma ivesi lokuqala, ngikholwa ukuthi yilo, latholwa obondeni lwesikole esikhulu sezinhlanya.

> Ngawo, thina ngoyinki sigcwalise ulwandlekazi,
> Nezibhakabhaka zenziwa ngephepha lesikhumba okulotshwa kulo;
> Sonke isiqu emhlabeni sasilusiba,
> Nawo wonke umuntu engumbhali ngokomsebenzi;
> Ukuloba uthando lukaNkulunkulu ngaphezulu
> Lungamunca ulwandlekazi lome;
> Noma umbhalo ogoqwayo ungaqukatha konke,
> Noma weluleke usuka esibhakabhakeni uye esibhakabhakeni?

106 Cabanga ngeziqu ebesisemhlabeni, senza izinsiba. Nezigidigidi zabantu, zingababhali ngokomsebenzi. Ukubhala izinhlamvu ezinhlanu ezincane, u-t-h-a-n-d-o, ngiqonde izinhlamvu ezine ezincane, "uthando," uthando lukaNkulunkulu, belungamunca ulwandle lome. Lapho, okune-kokuhlanu komhlaba kusemanzini. Ngase ngima ngaleya, eNtabeni iPalomar, ngase ngibuka ngaleyo ngilazi, ngingabona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili eminyaka yomkhathi wokukhanya. Noma ukuba umbhalo ogoqwayo wawungaqukatha konke, noma weluleke usuka esibhakabhakeni uye esibhakabhakeni?

107 Uthando lukaNkulunkulu. Ukuthi uNkulunkulu Wazisombulula kanjani, futhi wafika, iPhasela likaKhisimuzi, walaliswa otshanini obomile. Into yokuqala Ayenayo, kwakungukuthi kumcindezele ikhanda laKhe elincane, kwakungutshani obomile, nesiqephu esingcolile sembeleko Ayesongwe ngaso. Into yokugcina ayenayo kwakungumqhele wameva, nendwangu engcolile eyayisongwe ngaphezu kwamehlo aKhe; base beshaya ekhanda, bethi, "Uma Ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani oKushayile," base-ke bebethela ngezipikili esiphambanweni. Uthando, lweluleka! Lapho abantwana baKhe uQobo bekhalela iGazi laKhe, Wamemeza kakhulu, "Baba, bathethelele, abazi ngisho ukuthi benzani." Lolo wuthando.

108 Ibandla alikufuni Lokho. Bafuna isivumokholo. Sidinga uthando. Ibandla liyafa, ngezivumokholo. Lingaphila kuphela ngothando, ngoba uthando lungukuPhila okuPhakade. Uthando lunqoba izinto zonke. Uphawu lungamandla anamandla kakhulu kwakhona. Qhabo, babengaMfuni, ngoba babazi ukuthi kwakukhonani eSiphiweni.

109 Kodwa abanye babo Sasembuliwe kubo, ukuthi—ukuthi lesiSipho sasiyini, ukuthi kwakukhonani kuSo. Abanye babo babuka phakathi kuSo. Ngiyakholwa, abokuqala ukuba babuke phakathi kuleloPhasela likaKhisimuzi, niyazi ukuthi kwakungubani na? Ngikholwa ukuthi, kwaba yiziNgelosi. IziNgelosi zaYazi. Yembulwa kuzo. BaYazi, ngoba ziphuma emmangweni.

110 Mhlampe, uMariya omncane ehlezi phezulu lapho, ekhathele, enothuli. Umfana omdala ongumelusi wezimvu ozihluphekelayo uyafika, enuka njengezimvu, wambona lowomama omncane ehlezi lapho, ngalobo busuku, kuchaza okuthize. Njengabantu nje namhlanje bangabona ukuthi kukhona okuzokwenzeka. Izikhathi ezesabekayo, abantu abazi ukuthi bazojikela ngaphi. Mhlawumbe umfana omdala ongumelusi wezimvu wafika wase ebona lowomama omncane. Kukhona okwashaya kuye. Wathi, "Nginamanzi apholile lapha kuleflaski. Ungathanda ukuphuza nje?" Nomndeni omncane wambonga, omncane osezoba ngumama ephuza amanzi.

111 Mhlawumbe lowo kwakungomunye wabelusi bezimvu owayelele lapho kulelogqquma ngalobo busuku, ngenkathi ezansi estebeleni, lapho iNgane encane yayikhala khona. O, manje-ke, izwe, yayingekho indawo yaKhe. Akekho owayeMfuna. Kodwa ngalesosikhathi esifanayo, umelusi wezimvu ngaphandle egqumeni, iziNgelosi zehla zase ziqala ukucula ukhisimuzi wokuqala, "Namhlanje, emzini kaDavide, nizalelwe, uKristu uMsindisi." Kwembulwa.

112 Yileyondlela kuphela noma yimuphi umuntu ezweni ayoke azi ukuthi kukhonani kuleloPhasela. Lifanele lembulwe kuwe. UyoLenqaba, uthi Li—Lingubuhlanya; kodwa uma uthola isambulo, uyoLifuna. Uyovula. NoNkulunkulu uyongena bese edla nawe, nawe naYe, uma usulungele ukuvula umnyango, uMvumele angene. LeloPhasela elincane lingqongotha enhliziyweni yakho, iSipho sikaKhisimuzi esikhulu kunazo zonke esake sanikezwa, Esokuqala neSikhulu kunazo zonke. LeloPhasela elincane, lingqongqotha enhliziyweni yomuntu, "Ngiyongena ngidle." Awusoze waLazi Lize lembulwe kuwe. Uma Lembulwa kuwe, khona-ke uyohamba uLizingela.

113 Uma ubona ukuthi lokho KungukuPhila, nokuyiyona kuphela indlela yokuPhila, uma ubona ukuthi ibandla lakho lomile futhi lifile, uma ubona ukuthi ukuxhawulana kwakho—kwakho nomelusi, noma ufafaze ngesivuvuzeli sikasawoti, akuhlangene ngalutho naYo, bese-ke uyohamba uyohlola.

114 Uma ulele embhedeni, ufa, nodokotela ethi, "Ayisekho into ekusalele. Uzofa emizuzwini embalwa." Uyofuna ukubuka phakathi kuleloPhasela ngaleyonkathi. Buka phakathi kuLo, kulobubusuku, ngoba Liyosuswa kuwe ngaleyonkathi. IBhayibheli lathi, "Uma nenqaba Mina ezinsukwini zenu nisaphila kahle, njengoba ninjalo manje; uma kufika usizi, Ngiyokuhleka kuphela." Ngakho kungcono uhlole iPhasela kulobubusuku.

115 Kumayelana nani konke Lokhu na? Izinkanyiso, iziNkanyiso ezingcwele zivela eZulwini, zinezithombe ezithwetshulwayo, izibonakaliso ezinkulu, ukwehlukanisa ngokubona okufihlakelee, amandla, ukukhuluma ngezilimi, ukuhumusha, kusho izinto ezayo. Amandla eVangeli, kuphilisa abagulayo, kuthatha imidlavuza nokuphilisa, namehlo aphuphuthekile avuleke, zonke lezi uhlobo lwezinto. Kuyini konke na?

116 "Ngani, yisigejane sabaginqiki abangcwele." Bhasobhani! Leyombeleko, kungaba yiyo.

117 Wenzenjalo noBalami. Wacabanga kanjani ukuthi uNkulunkulu wayengeke abaqalekise abantu abanjengoIsrayeli na? Kodwa wehluleka ukubona. Wabuka imbeleko, esikhundleni sokubona iDwala elishayiwe neNyoka yeThusi elalihamba phambi kwabo, ukwenza ukubuyisana.

118 Kunjalo nanamhlanje, esikhundleni sokubona aMandla kaMoya oNgcwele wenza izibonakaliso zaKhe zikaMesiya, nezimanga phakathi kwabantu, njengoba Ethembisa ukuthi Uyokwenza ngezinsuku zokugcina. Njengoba Athi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," lapho Iqala ukwenza lezozibonakaliso nezimanga phakathi kwabantu, Ezikhombisa ukuthi uyaphila. Kuyini na? Phakathi kwabathobile, abantu abampofu.

Bayahamba bese beKubiza ngobu "hlanya," baKukhiphele phandle. Kungcono ukuhlole ngaphambi kokuba kuqhele kakhulu kuwe. Yebo.

119 Lababelusi bezimvu abanukayo, abantu kuyobal'khuni ukuba babenabo ngalapho. Bacambalala lapho futhi balala nalezozimvu, nakomatilasi botshani abafanayo abalala kubo, nasenkundleni efanayo, njalo, futhi—futhi bezelusa kwaze kwathi, bona, wawungalizwa iphunga labo njengemvu nje iza.

120 Noma ubani uyazi ukuthi umelusi wezimvu owelusa izimvu, ulala phansi ngqo emnyango wezimvu, ulala phansi ngqo phakathi kwazo. UJesu wathi, "Mina ngiyisibaya sezimvu." Ngangihlala ngimangala ukuthi lokho kwakuba kanjani, ngaze ngaba semaZweni aNgcwele . . . noma abaseMpumalanga, njalo. Futhi ngathola ukuthi umelusi wezimvu uzifaka kanjani izimvu ngaphakathi, bese elala phansi, umnyango. Imvu ayikwazi ukuphuma ingameqanga. Impisi ayikwazi ukungena ingameqanga. Ungumnyango.

121 Ngiyajabula ukuthi uJesu walala phansi emnyango wenhliziyo yethu. Ngeke saphuma, noma senze noma yini, engakwazi Yena, noma akukho okungangena engakwazi Yena. Ngakho uyokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle kubo abaMthandayo. Bekufanele kusenze ukuba sikhale futhi simemeze, futhi sidumise uNkulunkulu, futhi sithi, "Akabongwe uNkulunkulu ngoMsindisi, u—u—uMelusi wezimvu oyolala emnyango wenhliziyo yethu, futhi uyasexwayisa uma kuqubuka noma yini, ukuba siyilungele." Yebo.

122 Le ngapheshheya kwezwe kwakungezinye ezithobekile, izazi. Zazibizwa ngoMegi, "abagqolozeli bezinkanyenzi." Ngenkathi ngiseMpumalanga, esikhathini esingeside esedlule, zisahlala ngendlela efanayo. Zihlupheka kakhulu, uhlobo lwabantu. Zihamba ngantathu. Zihlala emgwaqeni impela. UBilly nami, lapho eNdiya. Ngemuva phakathi lapho yilapho zivela khona, eNdiya. Manje, zathi, "Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga." ZaziseMpumalanga ngenkathi zibona iNkanyezi. IJerusalema ingasentshonalanga, ngakho iPalastine yayingasentshonalanga ye—yeNdiya. Ngakho zabona iNkanyezi yaKhe ziseseMpumalanga, zase ziza ukuzokhuleka kuYe.

123 Manje, laboMegi, abahlali neze bathi mba phansi. Bayaqoshama. Futhi bahlala lapho imini yonke. Ngesikhathi

sasebusuku, banombhoshongo omkhulu. Benyukela lapho futhi bahlale kulombhoshongo. Bashisa imililo, bese bexoxa ngamazwe, ukuwa kwemibuso, no—nokuncipha kwemibuso emikhulu. Futhi ba—bakhuleka kuNkulunkulu oyedwa weqiniso. Kunjalo. A—angamakholwa. AngabakaMohamede. Empeleni, kwasuka kumaMede-o-Peresiya, le emuva ngezinsuku zikaDanyeli. Futhi a . . .

124 NoPetru wathi, eZenzweni 10:35, ukuthi wa "bona ukuthi uNkulunkulu wayengabheki ubuso bamuntu noma isizwe, kodwa U . . . bonke ezizweni zonke abayoMesaba." Futhi noma yimuphi umuntu oyokwesaba uNkulunkulu. Bukani laboMegi lapho, bebona iNkanyezi yeSilpho sikaNkulunkulu, futhi baYiqonda; phambi kwabapristi ethempelini eJerusalema, phakathi kwabantu bezenkolo. Yebo, mnumzane. Amen.

125 UMegi, sengiyababona behlezi bezungeze lowomlilo ongcwele, ngobunye ubusuku. (Sesinaso nje isikhathi esincane? Yebo.) Behlezi bezungeze lowomlilo ongcwele, bekhuluma, bese beyenyuka. O, babetadisha izinto zasezulwini. Babezazi kahle kakhulu zonke. Konke ukunyakaza, babazi ngakho. Ngakho ngobunye ubusuku, besahlezi lapho, mhlawumbe becula amahubo, futhi babenyuka kulento enkulu, futhi batadishe. Babezazi zonke izinkanyezi, lapho eyayihlezi khona. Beyazi ngegama, ngoba babetadishe izinto zasezulwini. Akumangalisi ukuthi isiHambi phakathi kwaleyonto yasezulwini sabashukumisa. "Awu," bamangala, "yini loMfo omusha phezulu lapha na?" O, he! "Kukhona into ethize entsha eyenzekile, Ingaphezu kwemvelo." Lokho, kwabizelaphi na? Emuva emBhalweni.

126 Manje, bayayazi imiBhalo, ngoba uDanyeli wayeyinduna yabo. Niyakwazi lokho. Isahluko 2 sikaDanyeli, sisitshela ukuthi wenziwa induna phezu kwabo, ngakho wabafundisa. Akungabazeki, ngobunye ubusuku, babehlezi lapho, befunda emiBhalweni, ngokuthi, "NoDanyeli wathi wa 'bheka yonke lemibuso,' kwaze kwathi ekugcineni yaba yilokho eyayiyikho, ngamunye, amaMede-o-Peresiya futhi kwehle njalo kuze kungene eRoma. Kwase kuthi-ke ekugcineni wa 'bona iTshe elaqheshulwa entabeni, kungengazandla.'" Base bethi, "Kufanele ukuthi sekuyilesosikhathi." Manje-ke sebeyakhumbula umlungiselelo wasemuva le, phakathi ngaphambi kwalesosikhathi, emuva le ngezinsuku zohambo lukaIsrayeli, ngenkathi benyuka futhi bezwa uBalamu ethi, ngenkathi ebone uIsrayeli, wathi, "Kuyovela iNkanyezi kuJakobe." Amen. Kufanele ukuthi kwase kuyilesosikhathi, ngenkathi becabanga ngalezozinto, ukuthi isiVakashi esisha sasesibonakele.

127 Kuvamisile uma ugcina umqondo wakho kuKristu ukuthi Uyeza kuwe. Kuvamisile—kuvamisile ngezikhathi uma ucabanga ngaYe, uma Ebonakala. Uyazi, uma ucabanga

ngokuba ube kahle, wenze into ekahle, yilapho Eza khona kuwe, ukuba akusize.

128 Futhi kufanele ukuthi kwase kuyilesosikhathi, futhi ba—bafanele ukuthi babekade bebheke phezulu base besibona lesisiVakashi esisha. Siqala ukubaholela ngaseNtshonalanga. Masinya baqala ukuya ngasentshonalanga, sibaholela ezansi bewela umfula iTigris, behla badabula ezingwadule, benqamula phezulu kwezintaba, behla bedabula emachaphazelweni, o, he, beqhubeka, beqhubeka. Babazi ukuthi kukhona okwakwenzeka, kwakukhona into engaphezu kwemvelo eyayenzekile.

129 Futhi bafika kuphi na? Bathi, "Impela, uma lesi kuyisiprofetho sikaDanyeli, lowomuzi omkhulu waseJerusalema, ikomkhulu labantu bezenkolo balesosizwe bazobe bonke sebekulungele ukwemukela iNkosi yabo. Bazokwazi ukuthi konke kumayelana nani, uma sifika lapho. Asiqondi, thina uqobo, nokho. SingoMegi, siyahlupheka, abantu abathobekile. Kodwa, besibuka into ethize, futhi sibona into ethize isukuma phakathi kwethu, leyo engaphezu kwemvelo encane." O, he! Base belungele. Haleluya! Baphuma, amadoda athobekile, ukuthola isiThunywa-Nkanyezi sikaNkulunkulu. Babezolandela isiThunywa-Nkanyezi sikaNkulunkulu baze bafike ekuKhanyeni okuphelele. O!

130 IZambulo, 20, iZambulo 1:20, zasho ukuthi, "iziNkanyezi zalamabandla." Ebesifanele sikwenze namhlanje ngukuthola lokho kuKhanya kweNkanyezi. Amen. Okubonisa ukukhanya kweNkazimulo yaKhe. Okubonisa aMandla aKhe. Okubonisa ubuNkulunkulu baKhe. Nokulandela lokho size sithole lokho kuKhanya okuphelele. "Gcina ukuhola kwangasentshonalanga, kulokhu kuqhubeka. Siqondise kulokho kuKhanya okuphelele." O, silokhu siqhubeka nje, akunandaba ukuthi intengo iyini; phezu kwezintaba, wehle udabule emenweni, ndawo zonke ezinye.

131 Futhi ekugcineni bafika eJerusalema. Futhi kwathi nje bangafika kulelibandla elikhulukazi lehlelo, iNkanyezi yabashiya. Isimanga. Bacabanga, "Kufanele kube lapha." Ngakho, behla benyuka, emizini, becula, bememeza, kuyoyonke imihubhe emincane, behla bedabula imigwaqo. "Uphi Lowo, Ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga, size ukukhuleka kuYe. Uphi Lowo na?"

132 Isimanga, babengenayo impendulo, khona impela eziyingini zabo. O, he! Sekuthi impela angikhulume ngezilimi manje. Babengenayo impendulo. Babengenayo impendulo ngaleyonkathi. Abanayo manje. Abazi. Izazi azimtholanga uJesu eziyingini zenkolo yabo. SiYithola ngaphandle kwesiyingi senkolo yabo, Nezazi namhlanje, izazi enhliziyweni, aziYitholi kulamahlelo amakhulu. Awazi lutho ngaYo. Abanayo impendulo. "Kuyini konke lokhu ukuphila kukaNkulunkulu,

okwenzekayo na?" Bathi, "Kumayelana nani konke lokhu, izilimi, nezihumusho, neziprofetho, na*lokhu*, i . . . izibonakaliso zikaMesiya na? O, Lowo ngumbhedo. Akukho lutho kuLokho. Unga . . . Akukho lutho kuLokho." Niyabo? Abanayo impendulo. Babengenayo ngaleyonkathi. Abanayo manje.

133 Kodwa Yenza into eyodwa, Yabaqalisa ukuba bafunisise. Ngicabanga ukuthi uMfowethu duPlessis usethe ukukuthatha lokho njengamanje.

134 Babuyele emuva. Izintombi ezilele zibuyele emuva ukuthenga amaFutha. Kodwa kungalenkathi Efika, besaYilandele. Ngakho sisondele kangakanani manje, uma sibona lamabandla amakhulu ebuyela emuva, ethi, "Awu, mhlawumbe sishiye into ethize. Kungcono siYithole na?" Abasoze baYithole. Kukhumbuleni nje lokho. Abasoze, soze baYithole. Bafile. Futhi bafile, futhi bafile, futhi yilokho kuphela. Abasoze beza ekuPhileni. Khumbulani nje, ngikhuluma eGameni leNkosi. Futhi Lokhu kuseteyipini. Yebo, mnumzane. Abasoze, soze beze ekuPhileni. Sebephelile. Ngakho yingalesosizathu ngingazikhathaleli lezo uhlelo lwabo. Ngikhathalele into eyodwa, ngiqhumise kakhulu ngamandla ami onke, ukuthi "lowo othandayo." Hhayi ukuvusa ihlelo, kodwa ukubuyisa uJesu Kristu. Yebo, mnumzane. Lutho neze ehlelweni! Liphambene noNkulunkulu; bekuhlala njalo kunjalo, kuyohlala njalo kunjalo; libophela uNkulunkulu ngaphandle, lenqaba yonke into ekhona emesabayo uNkulunkulu. Alisoze lize ekuPhileni. Ngakho, akukho kwehluka kuloKhisimuzi, kwakunguKhisimuzi wokuqala. Yinto efanayo. LaboMegi behla benyuka nomuzi. "Uphi Lowo na? Uphi Lowo na?" O, he!

135 Ake ngime lapha nje umzuzu. Nginefilimu. Anginayo lapha manje. Omunye udokotela unayo, uDokotela Dilly, u—u—udokotela wesifazane owaphiliswa emhlanganweni wami. Futhi uneteyipu manje, ethiwa *Imizuzu eMithathu Kushaye iPhakathi nobusuku,* futhi uma sithola lawomaJuda ezongena esizweni sawo lapho manje, khona manje ePalastine, okwakhulunywa ngakho yiNkosi, ukuthi ayezokwenza. Ngaphambi kokuFika kwaKhe kwesibili, babezokwenza.

136 Umfowethu lapha, ngolunye usuku, eya kwaIsrayeli, wabuza umbuzo, "Ngingaya laphaya na?" Futhi wenqatshelwa. UIsrayeli uyoza njengesizwe, hhayi umuntu ngamunye. "Isizwe siyozalwa." Siyoza njengesizwe.

137 Kodwa, bukani, lawomaJuda azihluphekelayo ezansi lapho eIran nasezindaweni ezehlukene. Nikufundile kwiphephabhuku i *Life*. Ayengafuni ukungena kulezozindiza. Akaze abone neyodwa. Ayelima ngamageja okhuni amadala nezinto. Athi . . . Ngani, urabi waphumela lapho, wayesethi. "Ake nilinde umzuzu. Umprofethi wethu akasitshelanga yini, ukuthi, uma

sesibuyela ezweni lendabuko, sihamba 'ngamaphiko okhozi'?" O, he! O! Futhi afika angena ezindizeni zeTWA, yakhuphuka.

138 Umprofethi wayengazi ukuthi babegijinyiswa ngezimoto. Zazibukeka nje njengezinkozi ezinkulu, futhi zahamba zaze zayongena emoyeni njengokhozi, ngakho umprofethi wathi, "Uma senibuya . . ." Lokho kwakuyiminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu eminyaka eyedlula. O Nkulunkulu! Iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu eyedlula, ngenkathi ethathwa ethunjwa ngamaRoma, futhi ahlakazeka nemimoya yezwe. Wathi, "Ayo . . . ngeke Ngiwakhohlwe. Ngobuye ngiwabuyise futhi. Kodwa Ngizophuphuthekisa amehlo abo, ngakho, abeZizwe, Ngingakhipha abantu lapho, ngenzele iGama laMi, ngibeke iGama laMi kubo. Uma sekwedlule lolosuku, Ngobuye ngiwaqoqe futhi. Futhi lapho esebuyela emakhaya awo, ayoza ngalezi uhlobo lwezinto." NoIsaya wayezibonile ziphakama, ziza zinqamula. Wathi, "Ngamaphiko ezinkozi."

139 Loworabi omdala wama qekelele lapho, wayesethi, "Umprofethi wethu wathi siyoya ekhaya, ngesikhathi sokuphela, 'ngamaphiko okhozi.'" Agibela.

140 Futhi lapho esehla phansi lapho, ethwele abadala, izimpumputhe nabakhubazekile, emahlombe awo, ebagquba, baba nengxoxiswano nawo. Nginakho ngqo eteyipini. Athi, "Ngabe nize ekhaya, ezweni lendabuko, ukuba nizofela lapha ezweni lendabuko na?"

Athi, "Qhabo. Sizobona uMesiya."

141 O, mfowethu, yin'indaba na? Nebandla labo alinampendulo. Yin'indaba na? Sisesikhathini sokuphela, mfowethu, uma iziNkanyiso zakusihlwa zikhanya, aMandla kaMoya oNgcwele asebuyele eBandleni futhi, ngokufanayo nje njengoba Kwakunjalo ekuqaleni. Umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Amabandla awazi ukuthi yingani ebuthana lapho. Awanayo impendulo. Ibhomu le atomu linempendulo yabo, laphaya, nokho. Impela inayo. Kodwa thina sisesikhathini sokuhlwa, amahora asedlule kunalokho esikucabangayo. Impela.

142 LaboMegi, phansi naphezulu emgwaqeni, babengenayo impendulo. "Kwenzenjani na? Kwenzenjani na?" Ekugcineni, sithola ukuthi baqala ukulandela Lena. Lapho isifika lapho, abaYitholanga. Abatholanga-mpendulo emzini, ezigabeni zenkolo. Qhabo, kanjalo abazi namanje. Banjani? IJerusalema, babengazi lutho nge—ngesibonakaliso esingaphezu kwemvelo.

"Nhloboni yesibonakaliso esingaphezu kwemvelo okhuluma ngaso na?"

143 "O, sibonile iNkanyezi ngenkathi sisemuva eMpumalanga. SiyaYilandela."

144 "Ikuphi na? AngiYiboni. Awu, asazi lutho ngaLokho." Kwakugcwalisa umBhalo ncamashi.

145 Kodwa babengenayo impendulo eziyingini zabo zezenkolo. Abanayo namhlanje. "Yini lokhu ukukhuluma ngezilimi na? Yini lesisigejane sabantu esiqubukayo, siphilisa abagulayo, futhi senza zonke lezizimangaliso nezinto, nokumemeza, ukukhala, nazo zonke lezi uhlobo lwezinto na?" Kuzwakala sengathi bakwenza eBhayibhelini emuva lapho. "A, umbhedo. Akukho lutho kuKho."

146 Abazi lutho ngokungaphezu kwemvelo. Ngani na? Nakhu kufika. Ngeke bayilandele iNkanyezi yokuKhanya, iNkanyezi yokuKhanya, inkombandlela kaNkulunkulu eya kulokho kuKhanya okuphelele. O! "Ukuholela kwangasentshonalanga, kusaqhubeka, kusiqondisa kulokho kuKhanya okuphelele, O Nkanyezi yaseBetlehema." Sibonile iNkanyezi yaKhe lapha eNtshonalanga. Nje nhloboni yeNkanyezi na? INkanyezi yebandla laKhe, uMoya oNgcwele, uhamba phakathi ezidalweni ezingabantu. Sibonile iNkanyezi yaKhe, futhi size ukukhuleka kuYe. Amen. Kuyilokho-ke, isilisa esihlakaniphileyo, isifazane esihlakaniphileyo, esithobe enhliziyweni. Sibonile iNkanyezi yaKhe, futhi size ukukhuleka kuYe.

147 O, babengazi lutho ngalezozinto ezingaphezu kwemvelo. Babengazi lutho ngeziNkanyiso nezinto. Bona, abazi lutho ngaKho. Yabashukumisa. Impela. Iyafana namhlanje. Babengazi lutho ngaYo, nokho. Iziyingi zezenkolo zazingazi. Kanjalo abazi lutho ngaYo namhlanje.

Qaphelani. Ngiyakuthanda lokhu. O! Yilokhu okuhle.

148 Inqobo—inqobo nje uma babesezinkundleni lezo zamahlelo, iNkanyezi ayizange ibonakale kubo. Yacima, emasangweni aseJerusalema, futhi yahlala ngaphandle. Mfowethu! Yahlala ngaphandle, inqobo nje uma babesahamba bedabula kulezozinkundla zamahlelo. "Uphi Lowo na? Impela nina belusi benifanele nazi okuthize ngaYo. Kumayelana nani konke Lokhu, nina borabi nabapristi na? Nani, nina maMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, amaKatolika, nani mabandla amadala kanjalo, impela nifanele niphendule ngaYo. Uphi Lowo na?" O, he! Niyabo? Abazi lutho ngaYo. Nalabo ababephakathi lapho, bahlala ebumnyameni baze baphuma kubo. Futhi bathi nje bangaphuma emzini, nakho kumi iNkanyezi futhi. Udumo!

149 "Phumani kulo, bantu baMi," kwasho iNkosi. "Phumani eBabiloni, ukusangana. Phumani ezivumweni-kholo zenu nezinto zenu zezitayela zenu. Ngiyonamukela," isho iNkosi. "Ningathinti izinto zabo ezingcolile," amaphathi abo emidlwembe ebandleni, nowaka, nayoyonke enye inhlobo yezinto, nemidanso.

150 Lapha esikhathini esingeside esedlule, umama wami wangibiza, wathi, "Bill, awehle uze lapha kancane." Ngicabanga

ukuthi uhlezi lapha ebandleni, ndawondawo, kulobubusuku. Ngehla. Ngathi, "Yin'indaba?" Bangibizela ezansi lapho. Futhi lapha kwakunesonto elikhulu lamaMethodisti enhla lapha eIndiana, babenephathi yomculo wokuzibinya kulo. Futhi baba nengxoxiswano nomelusi. Wathi, "Isikhathi eside kakhulu ibandla leMethodisti lakhohlwa ngubuciko obuhle bomculo wokuzibinya." Ongenwe nguDeveli! Akazi lutho ngoNkulunkulu. Akazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lingazi ngesikhulu saseGibhithe. Bavele nje...akungaphezu kukanogwaja azi ngezicathulo zaseqhweni. Lapho, ofika khona endaweni lapho into kuphela oyaziyo, isayense yezenkolo nje, isivumokholo esenziwe ngumuntu othize.

151 Uma uMoya oNgcwele engena, wena wemukela umprofethi kaNkulunkulu. Wemukela iSipho sikaNkulunkulu sikaMoya oNgcwele, bese ubona ukuthi ngumculo wokuzibinya omningi kangakanani ongaba nawo esontweni. Buyela eVangelini elashunyayelwa nguJohn Wesley, bese ubona ukuthi ungaba nomningi kangakanani kulo. Usukile emendweni; buyela kuJohn Smith, noma amaBaptisti, buyela kuMartin Luther. Kodwa kuyini na? Abazi lutho ngokungaphezu kwemvelo namhlanje. Kunjalo. Ibandla lamaMethodisti alazi lutho ngokuphilisa kukaNkulunkulu.

152 Ngenkathi uJohn emi lapho, eshumayela ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, abanye bebandla eliphakeme laseNgilandi bayenyuka base behlekisa ngaye, badedela impungushe, nesigejane sezinja ezinkulu. Wakhomba ngomunwe wakhe ebusweni bakhe, wayesethi, "Ilanga ngeke lishone ekhanda lakho, kathathu, uyoze ungibize ngikukhulekele." Wafa ngalokho kuhlwa, ebiza uJohn ukuba azomkhulekela.

153 Ibandla lamaMethodisti alikutholanga ngani Lokho kubuye kungene kulo futhi na? Kungani na? Ngoba lifile. Kunjalo! Niyesaba ukubuka phakathi kuleyoPhasela, ngoba Izokwembula izono zenu. Ngibiza nina, maMethodisti, ukuba nibuye nibuke ePhaseleni futhi. Ngibiza nina, maBaptisti, ukuba nibuke ePhaseleni futhi. Nani, maPresbyterian nani nonke! Nina maPentecostal, maKatolika nabo bonke, bukani emuva eSiphiweni sikaKhisimuzi sikaNkulunkulu manje. Bukani emuva esiphiweni iPrezenti. Lahlani ibhokisi, bese nithatha iPrezenti. Yilokho-ke. Sukani ekucwebezeleni kukaSanta Claus. Buyelani eSiphiweni sikaNkulunkulu. Buyelani kuMoya oNgcwele. O, ngiyazi ukuthi Uyokwembula inqwaba yezinto, kodwa yilokho enikudingayo, ukuhlanza nya, kukolojwe kukhishwe. Ngiyazi ukuthi lokho kunzima kakhulu, bafo, kodwa sifanele sibe naWo. UyiZwi likaNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Muhle kuwe. Kunjalo! O, yebo!

154 Bona, babazi ukuthi kwakukhona okungalungile ngenkathi betheleka kulowomuzi, nokuKhanya kwacima. Kwathi nje bangajoyina lelihlelo, ukuKhanya kwacima. "Yin'indaba

na?" Baqala ukumemeza, "Uphi Lowo na? Uphi Lowo na? Impela ngizoKuthola lapha. Leli yihlelo elidala, sekuyisikhathi eside lilapha. Liyikomkhulu lamahlelo, iDolobha laseVatican. Awu, impela, bengifanele. Bengifanele ngiMthole lapha. Uphi Lowo na? Uphi Lowo, uKristu owathi 'Unguye izolo, namuhla, naphakade na'? Uphi Lowo, oYedwa owathi, 'Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa na'? Uphi Lowo owathi, 'Imisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza'? Uphi Lowo na? Uphi Lowo na?" NokuKhanya kwahlala ngaphandle nje. Ngenkathi beshayeka bephuma kuleyonto, baphuma emzini, ukuKhanya kwabonakala futhi.

Kuyobakhona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela eya enkazimulweni impela niyoyifumana;
Kuleyondlela yamanzi, ngukuKhanya namuhla,
Ningcwatshwe eGameni elihle likaJesu.
Bancane nabadala, phendukani ezonweni zenu zonke,
UMoya oNgcwele ngempela uyongena;
IziNkanyiso zakusihlwa sezifikile,
Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu bamunye.

155 Yebo, mfowethu. Yebo, mnumzane. Phendukani ezonweni zenu zonke. UMoya oNgcwele, iSipho sikaNkulunkulu, impela uyongena phakathi. Usemnyango. [UMfowethu Branham uqala ukungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Uthi, "Ngivumele ngingene. Uma uzoNgivumela ngingene, Ngiyodla nawe. Ngiyokwembulela lezizinto. Ngiyokukhombisa okungaphezu kwemvelo. Ngiyophilisa ukugula kwakho. Ngiyo—Ngiyokunakekela ngazo zonke lezizinto, uma nje uyoNgivumela ngingene." [UMfowethu Branham uyayeka ukungqongqotha phezu kwepulpiti.]

156 IPhasela yeSipho sikaNkulunkulu, sisongwe ngesimo, namhlanje, sikaMoya oNgcwele. Sasisongwe sonke, ngaleyonkathi, futhi sasibizwa ngeNdodana kaNkulunkulu. IPhasela yeSipho sikaNkulunkulu yaphakanyiswa nje yase iphinde isongwa, futhi, futhi yabuye yabuyiswa. Amen. Yayisongelwe eNdodaneni kaNkulunkulu, ngaleyonkathi. Isongwe yonke ngamadodana kaNkulunkulu, namhlanje, ibizwa ngeBandla. Kunjalo. IPhasela yeSipho sikaNkulunkulu, isongiwe, iya kubantu. Futhi bayaYala, namhlanje, njengoba nje bala ngaleyonkathi. "Uma bebiza uMninindlu, ngo 'Belzabule,' umbhuli, ngoba Wayekwazi ukwehlulela imicabango, uyokwenza okungakanani-ke kini na? Babiza uMninindlu. . ." O, he! Ake sithole.

157 Yebo, oMegi, baYemukela. Babehlupheka futhi bethobekile, futhi babebone ukuKhanya okuyisimanga.

158 Enye into engifuna ukuyishaya khona lapha. Futhi ngenkathi sebebone lokhu ukuKhanya, kwakungukuthi bajabula njalo! IBhayibheli lathi, "Zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu." O, sengathi ngiyabona zamemeza kancanyana. Aniboni kanjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sengathi ngibona kanjalo. Ngakho, ngenkathi sebebonile ukuthi base bekade beyileyonhlangano isikhathi eside emuva lapho, bezama ukuthola into ethize, kwakungekho lutho lapho. Ngenkathi bephuma ngaphandle kwesango, bakubona ukuKhanya kukaMoya oNgcwele futhi kukhanya ngaleya, leyoNkanyezi yeNkazimulo idonsela phansi phezu kwabo. Zathola ukujabula okukhulu, zaba nokuthokoza okukhulu kakhulu.

159 O, wenzani umuntu uma bejabule kakhulu kangako na? Nenzani emdlalweni webhola uma bejabule kakhulu na? O, niyampongoloza, "Hhulee-hhulee! Bimity-bam! Ulishaye phakathi. Ha-ha! Ho-ho!" Niyabo?

160 Futhi uma uthola "ukuthokoza okukhulu kakhulu," futhi umpongoloze, "Udumo! Haleluya! Ayibongwe iNkosi!" Kunjalo, ukuthokoza okukhulu kakhulu! "Nanso iNkanyezi. Isihola! O, isisusa kulezizinhlangano, futhi isiholela kulokho kuKhanya okuphelele. Ukuhola kwaseNtshonalanga, kusaqhubeka, kusiqondisa kulokho ekuKhanyeni kwaKho okuphelele." Kuyaqhubeka nje. INkanyezi yayizoqondisa uye ekuKhanyeni. Ekugcineni, Yahlala phezu koMntwana.

161 Ngenkathi be . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi imizuzu embalwa nje. Kulungile. Kulungile.

162 Wazembula Yena uqobo kubadobi abahluphekayo. Wembulwa. LeyoPhasela, okwakungaphakathi kuYo, kwembulwa kubadobi abahluphekayo, kwabangafundile, abangafundisiwe. Wazembula Yena uqobo kubantu ababengakwazi ukubhala igama labo uqobo. Babengeke babe ngumdikoni, noma—noma enye into ebandleni. Babengeke babe yilokho. Babengafundile kakhulu! O, he! Babebabi kakhulu! Ngakho Wazembula Yena uqobo kubo, kwabangafunwa, labo ababekhishelwe ngaphandle. Wazembula kubo, kwabangathandwa. Wayethandeka kulabo ababengathandwa. Kwabagulayo, babedinga ukuphiliswa. Babevuma ukuba babuke phakathi ePhaseleni, ukubona ukuthi Limayelana nani. Wazembula kubo. Nakwabalambile, Waphana ngezinkwa nezinhlanzi. O, besingahlala, nginenqwaba yezinto ebhalwe phansi ngalokho, kodwa sifanele sikweqe lokho. Niyabo? Wazembula kubobonke labobantu, abangathandeki. Lapho babengafunwa-muntu, bebabiza "ngezinhlanya," Wazembula kubo. "Ngiyajabula kakhulu ukuthi ngingasho

ukuthi ngingomunye wabo." Yebo, mnumzane! Abangathandeki, abangafunwa, abagulayo nabadingayo, abalambile; Wazembula. Yebo.

163 Bengicabanga ngomunye umuntu olambile. Ngoluny'usuku, kwakukhona omuntu owayenenhliziyo elambile othiwa nguPawulu, esewuSawule ngaleyonkathi. Wayesendleleni yakhe ebheke eDamaseku, elambile. Wayengazi ukuthi angenzani. Wayefuna ukwenzela uNkulunkulu into ethize. UkuKhanya kwambaneka nxa zonke, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?" Wazembula kuPawulu onenhliziyo elambile.

164 Kowesifazane owayenegama elibi, kuBaraba owayelahlwe yicala, Wazembula. Kunjalo, kumuntu onenhliziyo elambile, kowesifazane onegama elibi, kubo bonke laba ababeyizilahlwa. Ngicabanga ngalowo wesifazane owayengadumile. Umzuzwana nje ngaye, ngiyacela ngibekezeleleni umzuzu nje.

165 USimoni, umFarisi eBhayibhelini, o, wayefuna—wayefuna ukwazi lesiSipho, naye. Kodwa wayefuna ukuSazi ngokwentando yokuzifunela ngokwakhe, izinjongo zakhe zokuzifunela ngokwakhe. UmFarisi, ngakho wenzani na? Wayenedili elikhulu. Wayecabanga ukuthi wayengenza ukuzijabulisa. IBhayibheli, indaba yeVangeli, lisinika khona. Kubukeni umzuzu nje manje, singakavali. Lapho wathi, "Wayezobiza uJesu." Ngoba, angicabangi ukuthi umFarisi ngempela wayemthanda uJesu, ngoba akukho ayenobudlelwano ngakho. WayengumFarisi omdala ol'khuni, futhi wa—wayemzonda uJesu. Ngakho wacabanga ukuthi wayezoMletha lapho, bese edlala imigilingwane embalwa ngaYe, abone ukuthi ngabe Wayengumprofethi ngempela, noma qha.

166 Ngakho bathumela base beMcela ukuba eze. Isigijimi siyafika, futhi sagijima. Mhlawumbe sinezintuli, nakho konke, sakhuphuka siphumela lapho. Sasesima eceleni kwe . . . UJesu mhlawumbe wayekade ephilisa abantu abagulayo, futhi eqhubeka. Wayekhathele. Ekugcineni, mhlawumbe kwakunguPetru owathi, "Awukwazi ukuMbona namhlanje."

167 Wathi, "Kodwa, mnumzane, inkosi yami inguRabi uSimoni. Ungumelusi webandla elikhulu ezansi lapha eJudiya. Ngani, wena . . . Yena, umeme iNkosi yakho ukuba ize, imbone. O, o, o, kuzoba yi—yigama elikhulu kangaka kuYe. Niyabo? Ufanele umbone."

168 "Awu," wathi, "Ngizokuthatha ngikwenyuse, bese sibona ukuthi Uthini." Futhi ngakho waphusha wadabula esixukwini. Nelanga lase liyoshona. UJesu, ekhathele futhi ekhandlekile. Futhi nasi siza lesisigijimi esincane senyuka. Futhi sona, esikhundleni so . . .

169 EBukhoneni bukaKristu! O, bengihlala ngimangala ukuthi kwakwenzenjani kulesosigijimi. Yini eyayingalungile kuso na? Simi eduze kangako kuJesu, futhi siselokhu sinomlayezo

ovela kumFarisi, "Inkosi yami ifuna Uze, uyibone. Uyazi ukuthini? Yona inedili ezansi lapha. Ifuna Uze, ube yisimenywa esihloniphekile."

170 O, ngifisa sengathi ngabe wawuthathwe yimi lowomlayezo, ukuba ngangisondele kangako kuYe. Anifisi nina na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nganingingeke ngicabange neze ngalokho okwakushiwo yilowomFarisi. Ngangiyowa phansi ezinyaweni zaKhe, ngithi, "O Nkosi Jesu, ngihawukele mina, isoni." Ngikholwa ukuthi ngangiyokusho lokho. Ningeke nina na? ["Amen."] Ukuthi sama kanjani sisondele kangako kuJesu, kepha nokho sala ithuba lokucela intethelelo yezono zaso. Nalokho kusondela kangako kuYe! Qhabo, sasinokuningi kakhulu engqondweni yaso. Sasiyinceku. Sasifanele sicele umFarisi.

171 NoJesu, uJesu ompofu, nokho ekhathele futhi ekhandlekile, futhi azi ukuthi Wayedelelekile futhi ezondwa nguye, Unqekuzisa ikhanda laKhe, "Ngizobakhona." Uma Ethi Uzobakhona, Uzobakhona. Ungakhathazeki. Uzobakhona. Ayikho into ezoMvimba.

172 Ngakho sebefika ezansi lapho, ngalolosuku, futhi bahlaba onke amathole abo akhuluphalisiwe, futhi bakhipha lonke iwayini labo elisha nakho konke. Nabantu abampofu wayengavunyelwe ukuza ngalapho ababekhona. O, lapho bosa leyonyama yenkomo ngaphandle, izinto ezihahisayo, iphunga elinje pho! Labobantu abampofu bame ngaphandle lapho, futhi nje imilomo yabo iconsa amathe. Babengenakungena. Qhabo, mnumzane. Nokho, lokho nje kwakungokomuntu odumileyo kuphela. Futhi ngakho-ke bemi ngaphandle. Futhi babenawo onke lamagrebhisi nezinto, onke nga—ngaso impela isikhathi sokuvuthwa, noma ukugcwala kwamagrebhisi. Nalelophunga elihle, niyazi, lapho emnandi, nakho konke. Wayenamawayini akhe amasha nakho konke.

173 Futhi bengihlala ngimangala ukuthi uJesu waze wangena kanjani lapho enganakiwe. Niyazi, awu, lapho wonke umuntu kwelaseMpumalanga uma kwenzeka ekumema ukuba uze endlini yabo, niyazi bangabantu abakhulu abaphatha kahle izihambi. Manje, abantu ngalezozinsuku, uma behamba, babegqoka izicathulo amasendli. Futhi uma bekwenza, niyezwa ngokugeza izinyawo.

174 Yilokho esikwenzayo lapha, esikhumbuzweni. Lowo kwakuyisimiso.

175 Uma umuntu othize bekucele ukuba uze endlini yabo, kwakuba yinto efana nalena. Babekubingelela emnyango. Bese-ke beba nalokhu ababekubiza ngokuthi, "umsebenzi ophansi kunayo yonke," kubo bonke abantu. Abanye babo babeshayela izinqola zamahhashi. Abanye babo babepheka. Nabanye babo, nezinduna zabapheki, niyazi. Nabanye babo, abaphathi-zitsha.

Futhi, kodwa umuntu oholelwa kancane kunabo bonke abendlu, kwakuyinsila yenkosi egeza izinyawo. Wayeyinsila yenkosi nje.

176 Futhi, ngiyacabanga, iNkosi yami yayiyinsila yenkosi egeza izinyawo. Bese-ke sicabanga into ethize, sicabanga ukuthi singus'banibani. Mbukeni egeza izinyawo zabafundi, abadobi, abadobi ababengcolile, abelusi bezimvu kanjalonjalo, wageza izinyawo zabo.

177 Futhi, lapha, leyonsila yenkosi eyayigeza izinyawo. Uma ufika emnyango, babe—babekugeza izinyawo zakho, ngoba uthuli nezinto kwakuba semilenzeni yakho, na—nalapho ohambe khona, niyazi, phansi emigwaqeni enezintuli lapho amahhashi nezilwane zazikade zikhona, niyazi. Futhi kwakwenza iphunga elinukayo, yonke indawo kuwe. Bese kuthi-ke lelolanga, uyazi, kwakuba sentanyeni yakho yonke. Nalelolanga lasePalastine, imisebe eqonde ngqo yalo, lishisa ngempela. Futhi ngakho ngenkathi befika emnyango, bakhiphe unyawo lwabo. Babageze izinyawo zabo. Bese-ke babeke—babeke izicathulo zabo ezingamasendli phezulu; bazikline, bese bezibeka phezulu. Bese bebafaka amahliphasi, njengencane . . . abesifazane abawafakayo namhlanje benzele amahliphasi asendlini yokulala, niyazi, into efana naleyo, babafake wona. Bese kuba-ke ukugeza izinyawo zabo.

Bese-ke beba nethawula ehlombe lakhe. Futhi-ke azokwenza, uzokwesula uthuli ebusweni bakhe.

178 Bese bethatha amakha amafutha ispayiknadi. O, kwakuyinto edulayo abantu abacebile ababeyisebenzisa. INkosikazi yaseNingizimu yakhuphuka namanye awo yase iwapha uSolomoni, enziwe nge apula enhla eMpumalanga. Njengembali, iapula lembali elincane, futhi linawo avela lapho. Adula impela.

179 Futhi bathatha lesospayiknadi, bese besifaka ebusweni babo bonke. Amafutha anjalo, ngoba intamo yabo yayishile, nento. Bathathe ithawula bese bewasula onke, kanjalo. Bese-ke base—base behlumelelekile.

180 Manje, leyo yinto yokuqala, insila yenkosi egeza izinyawo isibatholile yase ibalungisa kahle kanjalo. Kusobala, babengazizwa befanele ukungena endlini yomuntu, lapho okukhona khona labokhaphethe abakhulukazi abenziwe ePeshiya, kanjalonjalo, kanjalo, benuka sengathi babekade besesitebeleni, ne—ne—nelanga nezikofu kubo bonke ubuso babo. Babehlumeleleka.

181 Kwathi-ke uma sebengena, babonane. Futhi uma sebenzenjalo, njalo ukwemukela isimenywa esiqavile, uma wawemukelekile, babebaxhawula isandla sabo *kanje,* Mfowethu Ed. Babebaxhawula isandla sabo, *kanje*. Bese-ke bebeka esabo . . . Sukuma, umzuzu nje. Ngizokukhombisa okuthize. Babagaxe ngezingalo zabo. [UMfowethu Branham uyafanekisa,

futhi umbambatha uMfowethu Ed kane—Umhleli.] *Kanjalo*, bese beshintsha izandla. [UMfowethu Branham futhi umbambatha uMfowethu Ed kane.] Futhi yileyondlela abenza ngayo.

182 Lokho kwakungukwemukela. Khona-ke wase ungumfowabo. Wawuzizwa ukahle. Izinyawo zakho sezigeziwe. Wa—wawugcotshwa yonke indawo.

183 Bese kuthi-ke into elandelayo ayeyenza, bangane entanyeni. Nalokho kwakubenza bemukeleke. Leyonto yokugcina kwakuyilokho kwangana kokwemukelwa.

184 Niyamkhumbula uJuda enika uJesu lokho kwanga kokwemukela na? Wathi, "Ukwenzeleni lokho, mngane na?" Niyabo? Wayeyazi inhliziyo yakhe.

185 Ngakho babenza omunye nomunye emukeleke. Wawungasazizwa ungena nothuli lugcwele yonke indawo kuwe, nalelophunga elidala kubo bonke ubuso bakho nemilenze, nezinto. Leyongubo endala ihusha phansi, ithatha lolothuli lapho uhamba, ngenkathi uhamba. Babengasazizwa benza, beyongena. Kodwa kwakuthi uma usuhlumelelekile yonke indawo, bese kuthi-ke uma esenyuka, nesimenywa sakho esiqavile . . . Wawusuyisimenywa esiqavile esihloniphekile, bese kuthi-ke uma esenyuka futhi wakwemukela, wase ekunika ukwanga entanyeni, ngani, wawusungumfowabo-ke. "Ngena. Uye efrijini, uzithathele isemishi, noma yini." Wase—wase wemukelekile-ke. Wase wemukelekile ukuthi ungene.

186 Kodwa uJesu waze wangena kanjani lapha kungenziwanga konke lokho kuYe na? Niyabo? Wayehlezi laphaya ekhoneni, nezinyawo ezingcolile, engemukelekile. Mhlawumbe, umFarisi wayekhuluma ngenye into, niyazi. Akazange amnake uJesu engena.

187 Yileyo indaba emabandleni namhlanje, amaningi kakhulu amabandla abaFarisi bakithi. AMandla kaNkulunkulu engena, futhi abaWanaki. Niyabo? Uyothanda ukwenza into ethize, kodwa Akenziwa neze emukeleke.

188 Futhi nango wayelapho, laphaya, mhlawumbe exoxa amahlaya, futhi enesikhathi esikhulu noMelusi uRabi *S'banibani* noRabi *S'banibani,* laphaya. Abamnakanga uJesu.

189 Futhi kufanele ukuthi Wangena wathi nyelele wase ehlala phansi ndawo ndawo, ngale ekhoneni. SengiyaMbona lapho nezinyawo zaKhe ezingcolile, intamo enezikofu, kungekho kwangiwa kokwemukelwa. O, lokho akukwenzi uzizwe uxakekile, uJesu enezinyawo ezingcolile na? BaMbiza, ngokuthi lapho, "Jesu'! Jesu'!" Athi, "UJesu' enezinyawo ezingcolile, ehlezi ekhoneni." O Nkulunkulu, kwakungaze kwenzeke kanjani na? Kungekho-muntu oMnakayo.

190 Kodwa isifebe esincane, (o, he) owesifazane onegama elibi, kwenzeka ukuthi sedlule, mhlawumbe si—mhlawumbe

sasi...Akukho-muntu edolobheni. Wonke umuntu wayeye kulelidili, wonk'umuntu odumile, ngakho ibhizinisi laso lalibheda. Ngakho, sathola. "Yini yonke lena enhla lapha, kulokhu, ngenhla lapha endlini yomFarisi, kumayelana nani?" Ngakho senyukela lapho, futhi mhlawumbe ukuba silunguze ngomfantu othangweni, siqalaza. "O, he!" Kwenzeka sabuka ngale ekhoneni. SaMbona ehlezi laphaya, ikhanda laKhe libheke phansi, izinyawo ezingcolile, intamo enesikofu, engemukelekile, kungekho-muntu oMnakile.

191 Kodwa kwembulwa kuso. O, sengiyasibona sicikica amehlo aso, futhi sithi, "Ngabe nguYe lowo na? Lowo nguMuntu ofanayo owaphephisa owesifazane ofana nami nje, ngesinye isikhathi, ngenkathi ehudulwa ekhishwa yilelobandla, futhi lalizomkhanda ngamatshe afe. Futhi Wathi, 'Sifazane, baphi abamangaleli bakho na?' Lowo kufanele ukuthi nguYe." Niyabo? Ukukholwa kuvela ngokuzwa, futhi kwembulwa kuso ukuthi lowo kwakunguYe.

192 Sathi, "Kodwa, awubheke, Akemukeliwe. Unezinyawo ezingcolile. Ngizokwenzenjani ngakho na? Ngingowesifazane, futhi uma kwenzeka ngiyongena lapho futhi kubekhona engikushoyo, ngani, banga—bangangiphosa phandle, phezu kwaleyomigoqo. Manje, ngingo—ngingowesifazane onegama elibi, futhi U—uzokwazi ukuthi bengingonegama elibi. Uzokwazi ukuthi ngingowesifazane omubi, pho yini engingayenza ngakho na?"

193 Sengiyasibona sijika, sihamba sijikeleza, sithi, "O, kufanele kubekhona engikwenzayo. Akemukeliwe. Kodwa ikhona Into eyembula kimi ukuthi leyo yiyonandlela kuphela engiyoze ngibe nokuPhila ngayo." Nakho lapho okhona. O, mfowethu. "Ngifuna ukubona ukuthi yini ekuleloPhasela. Ngiyazi ikhona Into ephakathi lapho ezothethelela izono zami. Noma ngiyisifebe, noma ngimubi, ngifuna ukubuka phakathi kuleyoPhasela kaKhisimuzi. Ngiyazi ukuthi kukhona Into ephakathi lapho engeyami."

194 Kukhona Into yawo wonke umuntu. Kunjalo, mngane oyisoni. Kukhona Into yomgembuli. Kukhona Into yomqambimanga. Kukhona Into yawo wonke umuntu. Into ekulePhasela kaKhisimuzi, yakho. UngaYilahleli eceleni. Kanjani umFarisi, isithutha esiyisiwula, sathatha okucwebezelayo sase sintshinga iSipho! Into edabukisa kanje pho!

Nangu Efika. Uhlezi laphaya.

195 Nalona wesifazane ozihluphekelayo, mhlawumbe uyehlela endlini lapho ehlala khona, wenyuka ngezitebhiso ezitsekezayo enhla lapho. Ufika emasokisini akhe, noma okunye okuthize, uthatha imali. Wathi, "O, ngizokwenzenjani? Manje awume kancane, kungcono ngiyibuyisele emuva lena, ngoba Uzokwazi

ukuthi ngi—ngingowesifazane onegama elibi. Kodwa yilona-themba lami kuphela, yiyona-nto kuphela engingayenza. Angimenyiwe kulelodili, kodwa nokho ngifanele ngifinyelele kuYe."

196 O, ngifisa sengathi abantu bebengakubona lokho kulobubusuku. Finyelela kuYe, noma ubhubhe. Kwenza mehluko muni, ubizwa ngo "mginqiki ongcwele," noma uphoswe phandle, noma kwenza mehluko muni na? Finyelela kuYe. Finyelela kuYe, yilelothemba lakho kuphela.

197 Uyehla, wayithatha lena. Sengiyambona oyedwa, labobafo abangamaJuda ezansi lapho, bethi ibhizinisi libe libi, lihlezi liqhiyeme lapho, libala imali yalo. Wonke umuntu uye edilini, nakho konke. Lona wesifazane wahamba wangena. "Awu, wenzani phakathi lapha" Wathulula lab'odenariyu bamaRoma phezu kwekhawunta, cishe izinhlamvu ezingamashumi amathathu zabo. "Aha-ha! Ufunani, nenekazi na?" Niyabo, lokho kwakwenza kwehluka. Lalibonile ukuthi wayeyini; kodwa lapho selibonile ukuthi wayenemali, lokho kwehlukile. Niyabo? Lelo yizwe, namhlanje. Unemali, uyisikhulu. Uma ungenayo, a—awulutho. "O, lokho kwehlukile. Ufunani?"

198 "Ngi—ngifuna okwedlula konke, amakha amafutha ispayiknad edlula onke onawo. Yilena kuphela enginayo. Ake ngiyibale, izinhlamvu ezingamashumi amathathu. Bezingamashumi amane."

"O, yebo, leyo izothenga lelibhodlela khona lapha, amahle kunawo onke."

"Ngifuna wona."

"Usho ukuthi ufuna ukuthenga amafutha?"

"Ngiyawafuna. Ngifuna lonke lelobhodlela." Yilokho kuphela ayenakho.

199 Yilokho ofanele ukwenze, mfowethu. Kubiza sonke isono onaso. Kubiza yonke into. Kodwa vuma ukukunikela.

200 Ngakho uthi nyelele ukhuphukela othangweni. Sengiyambona ebuka phakathi lapho. UyaMbona ehlezi lapho, selokhu engakathintwa. Umelusi ongumFarisi lapho usalokhu exoxa amahlaya akhe angcolile nezinto, lapho nabo bonke abanye, beqhubeka, bekhuluma ngento ethize enkulu ndawondawo, bengazi, bengayinakile iNkosi yethu—yethu eyigugu. Wathi, "Ngingangena kanjani?" Ngakho manje ngiyambona ethi nyelele engena ngokukhulu ukuthula, enyukela lapho Ekhona kanjalo. Futhi waMbuka phezulu. Sengiyambona nezinyembezi zehla ebusweni bakhe, namehlo akhe amakhulu ansundu eMbuka phezulu kanjalo. Futhi wayeqwaqwada ibhodlela, wabhoboza amafutha okugcoba, wawathululela ezinyaweni zaKhe. Wayengezukumyeka uJesu enezinyawo ezingcolile.

Wena uthi, "Ngangingeke nami."

201 Pho yini kungabikhona okwenzayo ngakho na? Unegama elibi kunawo onke kwelikhona ezweni namhlanje, "umginqiki ongcwele, uhlanya lwezenkolo." Pho yini kungabikhona okwenzayo ngakho na? Usukume uthi, "Ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Sengilungele ukwemukela leloPhasela."

202 Wathululela amafutha ezinyaweni zaKhe. Lonke ikamelo lagqama wona. Ayedula.

203 Akukho okuhle kakhulu kuJesu. Mnike okwedlula konke. Mnike konke onakho. Ukuphila kwakho, umphefumulo wakho, ubuwena, isikhathi sakho, konke onakho, Mnike khona.

204 Kwenzeka wabuka. Wayemi lapho. O, he! Wathululela lamafutha ekhanda laKhe—laKhe. Wase ehlela ezinyaweni zaKhe, futhi waqala. O! Wa—waphakamisa izinyawo zaKhe, wase eyabuka, zazingcolile. Wayengenalutho. Wase-ke e—ecabanga ngezono zakhe, wayesethi, "Impela, Yena, Uzo—Uzongilahla ngecala." Ngakho ngenkathi ebeka amafutha entanyeni yaKhe, wase eyesula, wase-ke ehla lapho wase ebamba izinyawo zaKhe.

205 Wawa phansi. Waqala ukukhala, "O, ngiyisoni esinje pho, ukuba ngime phambi kwaloMuntu. Ngiyisoni esinje pho." Wase ebheka phezulu, namakhulu akhe, amehlo amahle. Wacabanga, "U—Usezongikhahlela angikhiphe kulelikamelo." Kodwa, Akazange anyakaze. Wavele wahlala nje wase embuka. O, ngiyakuthanda lokho. Wavele nje wahlala wase embuka. "O, Uyayazi inhliziyo yami. SengiyaMuzwa khona manje efunda ngqo phansi emqondweni wami. Uyazi ukuthi angilungile. Ngiyakwazi, Nkosi, kodwa angikwazi ukuma ngiKubone unezinyawo ezingcolile. Ngeke nje ngakumela. Nguwe kuphela ithemba lami. Ngeke ngakumela." Amanzi amahle kanje pho ezinyawo zaKhe, o, izinyembezi zokuphenduka! O! O! UmFarisi omdala akakwazanga ukunikeza into enjengaleyo. Amanzi, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe.

206 Futhi uqala ukuzesula, futhi [UMfowethu Branham wenza umsindo wokwanga okubili—Umhl.] anga izinyawo zaKhe. O, KwakuyiNkosi yakhe; anga izinyawo zaKhe. Wayengena—wayengenathawula lokomisa ngalo. Ngakho ngiqagele ukusongwa kwezinwele zakhe, ayekwenzile, phezulu ekhanda lakhe, kufanele ukuthi kwase kuwile, zanquma. Wathatha izinwele zakhe, uqala ukwe—ukwesula izinyawo zakhe ngazo, futhi anga izinyawo zaKhe. "Nkosi, Uyazi." [Umsindo owodwa wokwanga.] "Nkosi, Uyazi ngi—ngiyisoni. Ngi—ngiyakuzonda ukuba lapha phambi kwaKho kanje, kodwa ngeke ngakumela ukubona Wena unezinyawo ezingcolile." O, he! UJesu enezinyawo ezingcolile, engemukelekile, engangiwe entanyeni. Wayanga ngisho nezinyawo zaKhe. "Nkosi!"

[Imisindo emine yokwanga.] "He, Nkosi! O Nkosi, ngi—ngiyi—ngiyisoni." [Imisindo emibili yokwanga.] "Uyazi ngiyiso, Nkosi."

207 Cishe ngalesosikhathi, umFarisi omdala wajika. "Hah!" Wathi, "Manje bukani laphaya. Bukani laphaya. Yilolohlobo lwabahambisanayo olunaLokho okubizwa ngoMoya oNgcwele." Niyabo? Abakashintshi. "Bukani ukuthi Kuyini. Bukani ukuthi hlobo luni lwabantu Azihlanganisa nabo. Nikhuluma ngalowoMoya oNgcwele, nokuphilisa ngokukaNkulunkulu, Kuyini na? Imfucumfucu yedolobha."

208 Impela, Kwembulwa kulabo-ke. Uyazi ukuthi kwakukhonani kuleloPhasela. Uyazi ukuthi isikhathi kuphela, nangasiphi isikhathi ayeyofika noma yikuphi. Wayengeke ehlele kumFarisi, Wayezomkhahlela aphume ebandleni; hhayi esikhundleni sabo senhlangano isosayathi. Kodwa kwakukhona inhlangano iSosayathi yesoni. Ngijabula kakhulu ngalokho. Kukhona Indawo lapho isoni singeza khona. Likhona iBalisamu eGileyadi, liyopholisa abalimele. WayeseLitholile. Wayefuna ukwazi iSipho, futhi wayanga izinyawo zaKhe.

209 UmFarisi omdala wathi, "Ahha! Wozani lapha, bafana. Hhe! A! Nango umProfethi wenu. Niyabo? Ukuba Ubeyinoma yiluphi uhlobo lomProfethi, Ubezokwazi ukuthi hlobo luni lowesifazane olugeza izinyawo zaKhe. Bukani lapho. Nikhuluma ngobuhlanya? Kuhlazisa indlu yami."

210 UJesu akazange athi vu, wama nje futhi wabhekisisa owesifazane. Ngakho emva kwesikhashana . . . Wayazi ukuthi umFarisi obukekayo wayecabangani, ngakho Wasukuma.

211 Lowo wesifazane, sengiyambona, "O! O, nasi—nasi isikhathi sami. U—U—U, Uzo—Uzongilahla ngecala. Uzo—Uzo—Uzongiphosa phandle kwalendlu." NgiyaMbona esukuma, kubukeka *kanjalo*. Uzizwa esekahle kancane manje; izinyawo zaKhe zibhukudiswe ezinyembezini. O Nkulunkulu, yenza ezami. Izinyawo zaKhe zibhukudiswe ngezinyembezi zokuphenduka, inhliziyo eqinisileyo. Nakuba wayenesimilo esibi, njengoba wayenjalo, ngalesisikhathi kuphela wayelokhu njalo esemthonjeni ayengagezwa kuwo ahlanzeke. Lapho, uhlezi lapho. Ebusweni, sengiyambona nezinyembezi zidonseke zehla ebusweni bakhe kanjalo, futhi esenindeke yonke indawo. Konke ukusongwa kwezinwele zakhe sekuwile, futhi kugcwele izinyembezi nokungcola okusuka ezinyaweni zaKhe. Wayemi lapho, emangele, "Kuzokwenzekani? Uzongiphosela phandle. Uzothi abangifake ejele ngokuza lapha."

212 Wasukuma, *kanjalo*. Wathi, "Simoni, NgineZwi engifuna ukulisho kuwe. UNgimemele endlini yakho. Futhi ngenkathi Ngingena, awuNginiki neze amanzi ezinyawo zaMi. Bengizogeza ezaMi uQobo, kodwa awuNginiki neze amanzi." O Nkulunkulu! "AwuNginiki neze amafutha, ukuba ngigcobe ngawo intamo yaMi, ngenkathi isha. Awukwenzanga lokho, Simoni. Kanjalo

awuNganganga futhi uNgenze ngemukeleke. Kodwa lona wesifazane, ugeze izinyawo zaMi ngezinyembezi zakhe. Futhi wange izinyawo zaMi, futhi akayekanga ukukwenza selokhu engene lapha. Nginezinto ezimbalwa ngawe, Simoni. Kodwa yena . . . " (WayengumProfethi, noma qha na?) "Ngithi kuye, izono zakhe eziningi zithethelelwe." O Nkulunkulu!

213 Kwakuyini na? Wathola ukuthi kwakuyini eyayikuleloPhasela leSipho. Wathola ukuthi kwakukhona uthando. Wathola ukuthi kwakukhona intethelelo. Wayekubonile Lokho. O, wasibona kanjani lesoSipho sikaNkulunkulu esiyigugu sisebenza kuye! Ingabe kwamenza wazizwa enjani lapho ebone iSipho sikaNkulunkulu selulelwa nakuye! Izono zakhe zathethelelwa.

214 Ingabe uBaraba wazizwa enjani ngalolosuku! Niyamazi uBaraba, indaba. UBaraba yilowomgulukudu owabanjwayo, futhi wafakwa phansi emajele asemkhunjini, wayezofa ngakusasa ekuseni. Wayeyisela. Wayengumgulukudu. Wayengumbulali. Wayeyisigebengu. Futhi ubusuku bonke wayehla enyuka kulelojele, edonsa izinwele zakhe, ngokuba, ngakusasa ekuseni waya esiphambanweni, ukujeziswa ngokubulawa. Wayezofa. Amaphupho esabekayo ayedlula kanjani phezu kwakhe ngalobo busuku! Ukuthi akaphumulanga kanjani!

215 Futhi ngakusasa ekuseni, akukho kudla kwasekuseni noma lutho, uyazi ukuthi igazi lakhe lalizoba wuhide sengathi uphakathi kwezimpisi. Khona manjalo, uzwa amaketango ekhehlezela, [UMfowethu Branham wenza imisindo eyisithupha yokumasha ngezinyawo zakhe—Umhl.] ukugqishazela kwamasosha. Nakhu kuza amane noma amahlanu, futhi mhlawumbe iqembu lamasosha ayinkulungwane lamaRoma, imikhonto imenyezela, enyukela lapho. Ujele omkhulu uphendula izikhiye, wayesethi, "Phuma, Baraba."

"O, ungangibulali! Yiba nesihawu!"

"Baraba, ayikho into engalungile. Usukhululiwe."

"Nginjani?"

"Usukhululiwe."

"Ngikhululeke kanjani?"

216 Omunye wakhomba phezulu *ngapho*. Ingabe kwasho ukuthini kuBaraba, ngenkathi esebone iSipho sithatha indawo yakhe ekufeni. Ngezwa ngendlela efanayo, iSipho sikaNkulunkulu sathatha indawo yami ekufeni. Ukuthi lenzenjani lelosela elalifa, esiphambanweni, libethelwe lapho.

Isela elalifa lajabula ukubona
LowoMthombo ngosuku lwalo;
Nami mangibe lapho, nakuba ngimubi njengalo,
Ngigeze kusuke zonke izono zami. (Yebo.)
Kusukela lapho ngokukholwa ngawubona lowoMfudlana, wembulwa kimi,
Owavezwa yizilonda zaKho ezigelezayo,
Uthando oluhlengayo lube yindaba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife. (Kunjalo. O!)

217 Sengivala, ngingasho lokhu. Namhlanje, uKhisimuzi ususho ikhathoni leCamels, ikhathoni leViceroy, ibhodlela leFour Rose noma iSeagram, isongwe ephepheni elihle likaSanta Claus. Kodwa basasala iSipho sikaKhisimuzi sikaNkulunkulu. Basasala iSipho saKhe sikaKhisimuzi. AbaSifuni.

218 NgiyaSifuna. Ngiyajabula ukuthi ngaSemukela. O uEmanuweli, uNkulunkulu waba yinyama wakha phakathi kwethu, wenqatshwa futhi walahlwa ngecala, kusukela phansi eminyakeni, nesihawu saKhe selulelwa namhlanje kuyoyonke inhliziyo eyoMemukela.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

219 Angazi, kulobubusuku, kulendlu, ngalesisikhathi sikaKhisimuzi, esikhumbuzweni cishe seminyaka eyizinkulungwane ezimbili ezedlula, ngenkathi uNkulunkulu enikeza iSipho sikaKhisimuzi sokuqala. Angazi, kulobubusuku, uma ubungathanda ukubuka ngaphakathi kwaleloPhasela bese uyabona, soni, ukuthi akukho-Muntu yini phakathi lapho Okuthandayo, uMuntu Owakufela, uMuntu abanikela ngempilo yaBo ngenxa yakho na? Ungavuma, kulobubusuku, ukususa imbeleko kuYe, leyondwangu engcolile abaMbiza ngokuthi, "uhlanya nomginqiki ongcwele," uzisonge ngayo, bese uthatha indlela nabadelelekile abayingcosana beNkosi na?

220 Uma ukhona usendlini, kulobubusuku, uthanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngalobubusuku bukaKhisimuzi, ngifuna ukwemukela iSipho sikaKhisimuzi sikaNkulunkulu, iSipho sikaKhisimuzi seqiniso sikaNkulunkulu na"? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, ntombazanyana. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise. Nkulunkulu busisa intombi lapho. Yebo. Bangabakhona abanye futhi, abathanda ukukhunjulwa emkhulekweni na? INkosi uNkulunkulu ikubusise, mfowethu wami.

221 Omunye futhi, "Nkosi, ngizothatha indlela. Angisoze ngaKubona uhlezi nezinyawo ezingcolile, futhi. Angisoze ngama. . .Ngizobajoyina. Ngizoza ngqo ngingene eMbusweni kaNkulunkulu. Ngizo—ngizoba ngomunye wabadelelekile. Hlala nami, Nkosi. Woza, asihambe siye ekhaya, kulobubusuku.

Ngizogeza konke ukungcola eGameni laKho. Wena geza izono zami, Nkosi, mangiphile ukuPhila. Hhayi indlela engiyenza manje; Ngingcolisa okwaKho. Ngi—ngingcolisa Wena, nsuku zonke, ngibeka okuningi phezu kwaKho. Mangihambe, kulobubusuku, Nkosi, nangezinyembezi zami zokuphenduka, manje ngiyeza ngokuzithoba onyaweni lwesiphambano, ukuba ngiKwemukele njengoMsindisi wami." Ngabe ukhona omunye singakakhuleki na? Phakamisa isandla sakho nje. Kulungile.

222 Nkosi eyigugu, siletha kuWe, kulobubusuku, kubonakala sengathi kube ngabesifazane abayingcosana impela, kulobubusuku, Nkosi, abaphakamise isandla sabo. Mhlawumbe nabo futhi bangabheka phansi . . . Abanye babo basengamantombazane amancane, itshitshi nje, abaphakamise izandla zabo. Bona, bakusho ngempela lokho, Nkosi. Aba—abafuni ukulahlwa kanye nezwe. Bafuna ukwemukela Wena manje, ngalesisikhathi sikaKhisimuzi, ukuba babuke phakathi ePhaseleni kaNkulunkulu, bese bemukela ukuPhila okuPhakade. Siphe khona, Nkosi, manje nje, ukuthi Uzobavulela ukuthethelelwa kwezono zabo, ukuthi Uzobavulela uMthombo endlini kaDavide, ovulelwe isono nokungahlanzeki, lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala, kusuke lonke ibala labo lecala. Siphe khona, Nkosi. Yiya nabo ekhaya, futhi uhlale nabo, kulobubusuku, Nkosi. Benzele, ukuphila, ukuthi kufanele kube njani, Nkosi. Siphe khona.

223 Philisa abagulayo nabahluphekileyo phakathi kwethu. Wena unguSizo kwabangenasizo. UnguYe, Nkosi, Ongenza lapho abanye bengeke benze khona. Wena unguMusa ohlalayo. Wena uyiSipho sikaNkulunkulu. Futhi siKukholwa ngokuzithoba, Nkosi. Silandela iNkanyezi yeMini, silandela ukuKhanya kuze Kusiholele kulokho kuKhanya okuphelele, iSipho sikaNkulunkulu, ukuPhila okuPhakade, ngombhaphathizo kaMoya. Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe manje. EGameni likaJesu Kristu, thatha imiphefumulo yabo kulobubusuku, futhi uwugeze eGazini laseKalvari elibomvu klebhu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

> Nkosi, hlala nami.
> [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha—Umhl.] . . .
> hluleka ukungiduduza,
> Ekuphileni, ekufeni, O Nkosi, hlala nami.

224 NiyaMthanda ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kanye futhi, okwesikhathi esidala, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Wonke umuntu manje.

> Ng'yaMthanda
> Ngoba Wa . . .

Asiphakamisele izandla zethu kuYe.

Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

225 Ngifuna uxhawulane nomunye ongaphambili, nangemuva, naseceleni kwakho, manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Em. . . waseKalvari.

226 Wonke lowo osemukele iSipho sikaKhisimuzi sikaNkulunkulu, phakamisani izandla zenu manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

227 AniMthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akamangalisi na? ["Amen."] Kulungile, sisama manje.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana osekuhluphekeni nosesitheni;
Luyakukunikeza injabulo nenduduzo,
Lithathe noma uyaphi.
Gama eliligugu, O limnandi kangaka! O limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba emhlabeni nokwethaba kweZulu.

Kancane manje:

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubo bonke onoxhaka;
Uma isilingo . . .

Wenzenjani uma izilingo ziqoqana?

. . . qoqana,
Vele uphefumule leloGama elingcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi kangaka! O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba emhlabeni nokwethaba kweZulu.

NgeGama likaJesu . . .

Asikhothamise amakhanda ethu manje futhi sicule.

. . .-ing
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
Nkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu seluphelile.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba emhlabeni nokwethaba kweZulu.

